# *Yini Ehehana ENtabeni?*

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

Baba Nkulunkulu, lowo ngumkhuleko wethu oqotho kulobubusuku, sibona konke lokho Okwenzela abantu ngalolusuku. Futhi siyaKucela, Nkosi, kwangathi singakholwa kuphela, nje sikholwe ukuthi LiyiQiniso, iZwi elilotshiwe libonakaliswa kithi. Siphe lezizinto, Baba.

2 Manje kulobubusuku sifuna ukuKubonga ngoku—kuKhanya Okuphose emiBhalweni wenzela thina kulokhu ukusa. Futhi siyakhuleka kulobubusuku, Nkosi, kulowomugqa womkhuleko, ukuthi Uzoqinisekisa iZwi laKho ukuthi liyiQiniso.

3 Sikhulekela onke amabandla nezinhlangano ezibuthene zizungeze i—i—imibhobho emincane phandle kuyoyonke indawo abavela esizweni, kuze kuyofika le oGwini lwaseNtshonalanga, kwenyukele ezintabeni zaseArizona, kwehle kuyongena ezinkangala zaseTexas, kuyongena le oGwini lwaseMpumalanga, konke ezweni, lonke, Nkosi, lapho ababuthene khona. Amahora amaningi ngokwehlukana, sifike ngesikhathi, kodwa, Nkosi, sindawonye kulobubusuku njengobunye obubodwa, amakholwa, silindele ukuFika kukaMesiya. Siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi UzoMthuma masinya wenzela iBandla laKho. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

4 Ningahlala phansi. Ukubingelela amaKristu akhona konke lapha kulobubusuku. Ngiyaxolisa ukuthi sisalokhu siminyene futhi sigcwele phama sekuze kube l'khuni nokuthi siphefumule. Ngisho nama ekhondishini, ngisho nanomoya wayo okhondishiniwe, ayisizi kangako, abantu abaningi kakhulu. Uma bekukhona nje cishe ibandla elejwayelekile eligcwele abantu, lawoma ekhondishini abezonenza iqeqeba lamakhaza. Kodwa manje wonke umuntu unesishayisa-moya, esiphephethayo, ne ekhondishini iphephatha ngawo onke amandla ayo.

5 Sithumela imikhonzo evela oGwini lwaseMpumalanga kuya eNtshonalanga, kubo bonke abangane bethu kuKristu, olalele. Sithumela imikhonzo ngale eSan Jose, uMfowethu Borders, iqembu enhla lapho. Sithumela imikhonzo phezulu ezintabeni, ePrescott, eArizona, kuMfowethu Leo Mercier neqembu lakhe eliphezulu lapho elilindele ukuFika kweNkosi. Sithumela imikhonzo kulabo abaseTucson, obuthene kulobubusuku, belindele ukuFika kweNkosi. Kwehle kuyongena eHouston, eTexas, kulabo abalindele ukuFika kweNkosi.

Kwenyuke kuyongena eChicago, kulabo abalindele ukuFika kweNkosi. Kwenyukele oGwini lwaseMpumalanga, eNew York naseConnecticut, namaqembu amakhulu enhla lapho, elilindele ukuFika kweNkosi. Asinayo indawo lapha ukubahlalisa, ngakho nje sidingeka ukubathumela iZwi ngo—ngokuxhumana ngotelefoni. Sithumela imikhonzo kuMfowethu Junior Jackson kulobubusuku, neqembu lakhe ezansi eClarksville. UMfowethu Ruddell, enhla kusiksti-thu neqembu lakhe, elilindele ukuFika kweNkosi. Futhi sibuthene lapha kulobubusuku ebandleni lasekhaya, itabernakele, silindele ukuFika kweNkosi.

6 Futhi manje, abaningi benu mhlawumbe ubengekho ezinkonzweni kulokhu ukusa. Kodwa ngethemba ukuthi wonke umuntu, obengekho, uzoyithola leyoteyipu, ngokuba ngikholwa ukuthi bekunguMlayezo oqonde ngqo kakhulu kunayo yonke ebandleni selokhu kube ngu—nguMlayezo othi *Banumzane, SiKhathi Sini na?* Ngizwe ugcobo lukaMoya, ngezwa ngiholeleka ukusho lokho engikwenzile. Ubumude, kodwa nokho ngizwe ngiholeleka ukuba ngikwenze. Futhi ngicabanga ukuthi iNkosi, ngeZwi laYo, ikhombisile ukuthi hora lini esiphila kulo. Futhi saqiniseka ukuthi siyaziqonda lezizinto eziyimfihlakalo okwenzekayo. Niyazi, iBhayibheli lathi, "Abahlakaniphile bayoqonda."

7 Kodwa izizwe nabantu bayokhula "beba buthakathaka kakhulu futhi behlakanipha kakhulu." Cabanga nje, uMmelikana ophakathi nendawo manje usebudaleni obuphakathi nendawo, cishe iminyaka engamashumi amabili ubudala, ubuthakathaka kakhulu kodwa uhlakaniphe kakhulu. Babengenazo izindiza amajeti ngalezozinsuku, ne—nezivalo eziyiziqhumane ezinhlamvini ezidubula emanzini ze atomu, kodwa baphila isikhathi eside kakhulu kakhulu. Siya ngokuya siba buthakathaka kakhulu futhi sihlakanipha kakhulu, nokuhlakanipha kwethu uqobo yilokho okuzosibhubhisa. Sizozibhubhisa thina uqobo. UNkulunkulu akazukusibhubhisa; ukuhlakanipha kwethu kuzosibhubhisa. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, kanjalo kuzobanjalo futhi.

8 Manje, iNkosi ithanda, ngeSonto elizayo ekuseni, ngingazi manje ukuthi ngizokhuluma ngani, kodwa ngethemba ukuthi iNkosi, uma Isivumela siphile futhi kungenzeki lutho, futhi kuba yintando yaYo, sihlose ukukhuluma ngomunye uMlayezo ngeSonto elizayo ekuseni, sibe nomkhuleko wabagulayo ngeSonto elizayo ebusuku. Manje-ke kuwunkatho lwami ukuba ngibuyele ekhaya eArizona, ukubuyisa umndeni ukuze abantwana bakwazi ukubhalisa esikoleni. Khona-ke nizo . . . Sizonazisa, uma nje sesikwazi, ngemihlangano lapho ivuthwa, noma izikhathi esi . . . izindawo esihlose ngazo. Ngakho, uNkulunkulu anibusise nonke.

9 Manje kulobubusuku, ngazi ukuthi ku . . . Ngisele ngemizuzu eyishumi nanhlanu, ukuqala nje, yimizuzu eyishumi nanhlanu

ngaphambi kwelesishiyagalombili lapha eJeffersonville; futhi lokho kucishe kube yimizuzu eyishumi nanhlanu lingakashayi elesishiyagalolunye oGwini lwaseMpumalanga, bese kuthi-ke cishe yihora lesihlanu oGwini lwaseNtshonalanga. Ngakho manje cishe nje sisekushoneni kwelanga lapha. Futhi ngifuna ukukhuluma kini okwenkonzo emfishane nje, ukuzama ukuthola ugcobo lukaMoya, bese-ke ngibiza umugqa womkhuleko.

10 Futhi ngifuna ibandla lapha, kanjalo nebandla elibuthene kwezinye izindawo, ngithole enye indoda, omunye umfowethu ogcotshwe ngoMoya; futhi uma siqala ukukhulekela abagulayo, ahambe abeke izandla phezu kwalabo osebandleni lenu. Khumbulani, uNkulunkulu usezindaweni zonke; Ukuyo yonke indawo. Ngakho, ezansi eTexas, ngale eCalifornia, phezulu eArizona, noma nikuphi, nibeke izandla phezu kwalabo abagulayo uma siqala ukukhulekela abagulayo. Futhi ngineqiniso ukuthi uNkulunkulu uzozwa futhi aphendule umkhuleko.

11 Kuyinto exakile, ngeSonto eledlule ebusuku, nogcobo lwaluqhubeka, noMoya oNgcwele. . .Kwakuyinto ngempela. Kade ngingenawo u—umugqa wokwahlukanisa ngokubona okufihlakele izinyanga nezinyanga, selokhu ngangilapha ngesinye isikhathi. Bese-ke ukuhamba ngenyukele lapho phansi kwesithembiso. . .Awazi ukuthi Uzokwenza. Ungeke wathi Uzokwenza. Ufanele nje uhambe wenyukele lapho futhi ulinde. Uyazibusa. Wenza lokho Afuna ukukwenza. Kodwa yima lapho futhi ulinde ukuba ubone ukuthi Uzokwenzani, bese-ke uLizwa libhobokela kuwe kanjalo.

12 Futhi ekugcineni ko—komhlangano, ngingazi ukuthi bekungubani, kodwa kwakukade kukhona i—indoda ndawondawo ngasemgqeni eyayiyinde, futhi inempandla phezulu, futhi yayingumuntu ogula kakhulu.

13 Kwase kuthi-ke ekugcineni, kwabakhona indoda ebonakala lapha emsamo, futhi yayibhekise ikhanda layo phansi, futhi yayibukeka sengathi yayigula, izibambe esiswini. Ngase ngicabanga ukuthi kufanele ukuthi yindoda yokuqala noma yindoda yesibili, kumbe noma kwakunini engayikhulekelayo, ngoba yayinempandla futhi yayibambe ikhanda layo ibheke phansi; indoda ebanzi, iqhothile. Kodwa ngaqalaza futhi ngamthola umnumzane ohloniphekile ehlezi ethe qekelele lapho, kodwa ubethokoza. Ngacabanga, "Kukuphi na?" Anginqumanga ukuthi kwakukuphi. Ngangikuzwa futhi ngibona indoda phambi kwami.

Ngakuzwa kudonsa ngapha, futhi kwakuvela ngemuva. Ngabuka uMfowethu Neville nalaba ababili abahlezi lapha, kwakungesibo. Ngathi, "Indoda ingaphakathi kwalelochibi lokubhaphathisela elisesontweni ngemuva lapho." Futhi niyazi

ukuthi kwakungubani na? UMfowethu Shepherd. Isizathu sokuba ngingamqondanga, wayehlezi emuva lapho ikhanda lakhe likhotheme, ekhuleka.

14 Wayecabanga ukuthi wayezofa, ukucabangile lokho amaviki ambalwa edlule. Umkakhe umtshele ukuba ahambe ayothenga amapheya amasha ezicathulo, futhi wathi, "Angizukuzidinga. Ngeke ngibe lapha isikhathi eside kangako."

15 Futhi wahlangana nami ngoluny'usuku e. . .phezulu lapho eyadini, uMfowethu Wood's, ememeza futhi edumisa uNkulunkulu. Wathi, "Ngidla ubhekeni, amaqanda, utamatisi, noma yini engiyifunayo."

16 Futhi ngokuzithoba enikela ngesihlalo sakhe, ebuyela phakathi lapho esuka endleleni, futhi ekhuleka. Niyabo, awulidingi ikhadi lomkhuleko, kuphela udinga ukukholwa. Niyabo?

Manje, bengingazi noma waphiliswa noma qha, ngavele ngathi nje, "I—indoda, ekhulekayo, inokuthize okungalungile." Ngicabanga ukuthi Wakubiza ukuthi kwakuyini, "Ukuhlushwa yisisu, futhi ikhuleka ngemuva lapha. INkosi uJesu iyakuphilisa." Manje, yilokho kuphela engangingakusho. Umdonso wawungukuthi yayikhuleka. Ngangikubona, ukuthi kwenzekani angazi. Niyabo?

17 Kodwa uma uWuzwa ubuya, wonke umuntu uyezwa, uma Uthi, "ISHO KANJE INKOSI," niyabo, lowo akusimi okhulumayo nhlobo ngalesosikhathi; lowo nguYe.

18 Kodwa njalo ngithi, "UJesu ukusindisile," lelo yiQiniso ngempela. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Niyabo? Niyabo?

19 Kodwa uma Ufika, "ISHO KANJE INKOSI," futhi ukutshele ukuthi yenza ini nokuthi kuzokwenzekani, kubhekisise lokho, kuyoba ngaleyondlela.

20 Kodwa uma ngithi, "UJesu Kristu uyakuphilisa futhi uyakusindisa," uyakukholwa, ngoba Usevele ukushilo. Ngiphinda nje lokho Akushilo.

21 Nombono uphinda nje lokho Akukhombisile. Niyaqonda na?

22 Manje masisheshe singene ngqo eZwini, ngoba ngiyazi ukuthi abaningi benu balapha, banamamayela amade abazowahamba kulobubusuku. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa, anisize futhi anivikele emigwaqeni. Futhi manje ngifisa ukuphenya kulobubusuku kuMathewu oNgcwele, isahluko 21, namavesi 1 kuya kwele 11, kuMathewu oNgcwele. Futhi, manje, uma ungenalo iBhayibheli lakho, noma uma ufuna ukubhala phansi lemiBhalo, kulungile.

23 Futhi manje kinina eningazange neze niwuzwe uMlayezo kulokhu ukusa, futhi ninayo iteyipu rekhoda; asiziceleli neze, ukuthengisa amateyipu. Asiziceleli neze, ukuthengisa

noma yini. Ngezinye izikhathi emhlanganweni omkhulu bazomemezela ukuthi banazo izincwadi emuva lapho; asenzi lutho kuzo. UMfowethu Vayle ungumbhali. Amateyipu, umuntu osebenza ibhizinisi lamateyipu lapho uzonitshela, asenzi-mali yamateyipu. Asi. . . Akusiwo "amateyipu"; nguMlayezo. Futhi uma umuntu efaka engqondweni yakhe lokho okuyimali, ngeke esawenza amateyipu. Kunjalo. Bengibuza ngakho, ngicabanga ukuthi amateyipu ethu ayathengisa cishe, ngaphansi kwamadola amahlanu, noma okuthize, amathathu kuya kwamahlanu, noma yinto efana nalokho. Uthini? Amathathu namane, kulawo amakhulu, amateyipu amade.

24 Nomfundisi othize, ngibuze ngenye yamateyipu akhe, futhi ibingamadola ayisishiyagalolunye, cishe imizuzu engamashumi amabili noma amashumi amathathu, ngomlayezo.

25 Ngakho ngiyabona ukuthi uMfowethu Sothmann emuva lapho akacebi, noma yibaphi babo, ngalamateyipu aba—abawakhiphayo. Niyabo, benza eyenele nje ukuze baqhubeke nakho. Ngeke ngamcela ukuba awenzele ize, ngoba bafanele bawathenge amateyipu nakho konke okunye. Nemishini idula kakhulu, ibiza cishe izinkulungwane eziyishumi zamadola ukusetha ukwenza lawomateyipu, okokuqala nje.

26 Manje, ngiyaqonda masinya ngi. . . ngikumemezele nokho. Kodwa kukhona ukuzwa iteyipu futhi. Njalo nje kaningi si. . . abaphatheli, angihlangene ngalutho nakho nhlobo. Anginakho ngisho. . . angikaze nakowodwa wemihlangano. Akusiso—siso nesizathu esimelayo nesiphikisayo. Baphendukela eziyalweni zabo; abaphatheli kunquma bona ukuthi ubani umuntu olandelayo ozokwenza amateyipu, futhi bamthumelela incwadi. Yilokho kuphela engikwaziyo ngakho. Bayakunaka lokho, ngoba angikwazi ngisho ukubusisa izingane ingasaphathwa eyokunaka amateyipu, ngakho, noma ukubhaphathiza.

27 Ngakho ingqondo yami ngiyibeke kuloMlayezo, lowo yilowoMdonso wesiThathu, futhi yiwona engifanele ngethembeke kuwo futhi ngiwuhloniphe.

28 UMathewu 21:1 kuya kwele 11. Ngisho lokho ukuze nibhekisise i. . . noma niphenye imiBhalo.

> *Kwathi ukuba* i. . . *Kwathi ukuba basondele eJerusalema, sebefikile eBetfage, ngasentabeni yemiNqumo, uJesu wathuma abafundi ababili,*
>
> *Wathi kubo, Hambani niye emzaneni obhekene nani, nizakufumana masinyane imbongolo ikhulekiwe, nethole linayo: zithukululeni, nizilethe kimi.*
>
> *Uma umuntu esho utho kini, anothi, INkosi iyazidinga; uyakuzithumela masinyane.*
>
> *Loku konke kwenziwa, ukuba kugcwaliseke okwashiwo ngumprofethi, othi,*

*Yishoni kuyo* amadodakazi *yaseSiyoni ukuthi, Bheka, iNkosi yakho iza kuwe, imnene, ikhwele embongolweni, nasetholeni lembongolo.*

*Abafundi bahamba, benza njengokuba uJesu ebatshelile,*

*Baletha i—imbongolo, nethole, babeka izingubo zabo phezu kwazo, bamhlalisa phezu kwazo.*

*Iningi lesixuku lendlala izingubo zalo endleleni;* futhi *abanye bagawula amahlamvu emithini, bawendlala endleleni.*

Isixuku *ezazihamba phambili, nezazimlandela, zamemeza, zathi, Hosana kuyo iNdodana kaDavide: Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi; Hosana kweliphezulu.*

*Kwathi esangena eJerusalema, umuzi wonke wanyakaza, wathi, Ngubani lo?*

*Isixuku sathi, Lo uJesu umprofethi waseNazaretha laseGalile.*

29 Manje uma bengingathatha indikimba kulokho, cishe okwemizuzu engamashumi amathathu ngaphambi kokuba kuqale umugqa womkhuleko, bengingathanda ukuthatha lokhu ukuba kube yindikimba: *Yini Ehehana ENtabeni?*

30 Manje, kwakukade kungolukhathazanayo ngempela, usuku olugulisa imizwa, futhi kwakuwusuku olungejwayelekile. Sithola uJesu lapha ekhuphukela eJerusalema, eselungele ukwethamela iphasika. Nephasika yilapho iwundlu lephasika lalihlatshwa khona, negazi lalifafazwa phezu kwesihlalo somusa kwenzelwa uku—ukubuyisana kwa—kwabantu. Futhi Wayekade ekhuphukele eBetfage futhi wenyukela esiqongweni seNtaba yemiNqumo, ebuka phansi kwelinye igquma elincane lapho iJerusalema lalakhiwe khona. Futhi lapho Ebuka, futhi wazi ukuthi lokhu kwakungukuvakasha kwaKhe kokugcina.

31 Lesi kwakuyisikhathi Ayezonikelwa ngaso ezandleni zomuntu oyisoni futhi babezoMbulala. Wayezofa ukufa okwesabeka kakhulu ukwedlula konke okwake kwafiwa wumuntu osazofa, futhi ambelwe. Wayezokhashelwa ngabaKhe uQobo, abanye babo bemi naYe ngqo. Futhi Yena, enguNkulunkulu, wayazi ukuthi kwakukhonani ezinhliziyweni zabo, futhi wazi kwasekuqaleni ukuthi ubani owayezoMkhaphela. Futhi azi ukuthi lowomuntu wayekanye naYe owayehlala eduze kwaKhe futhi ebala imali yaKhe kuYe, kanjalonjalo, azi ukuthi lowomuntu wayezoMkhaphela. Futhi azi ukuthi isiphambano samaRoma sonya sasiMlindile phandle lapho. Wayazi ukuthi amanzi aKhe emzimbeni waKhe neGazi lomzimba waKhe kwakuzohlukana, nokuthi iGazi lalizoconsa esiphongweni saKhe, amakhulukazi amaconsi

njengezithukuthuku. Wayekwazi konke lokho okwakuphambi kwaKhe. Futhi Umi phezu kwentaba, ngale ebuka eJerusalema.

32 Abantu bangalelolanga, i...ababekubiza ngalolosuku ngokuthi, "abantu bezenkolo bezinga eliphezulu," babeMzonda. Amabandla angalolosuku ayeMzonda futhi eMjivaza, futhi bejiva bonke labo ababeMlalela. Futhi uma babehambile bethamela imikhankaso yaKhe, babekhishwa ngokushesha esontweni enhlanganyelweni yebandla. Akumangalisi umBhalo wathi, "Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga." Labo ababefanele baMthande, labo ababefanele babe ngakuYe, kwakuyizitha zaKhe ezimuncu, zimuncu ukwedlula zonke.

33 Futhi Wayenze iqembu laKhe elincane elivela esigejaneni sabantu abampofu, abadobi, abathelisi, abangafundile. IBhayibheli lathi abanye babo kwakuze kuthi ngisho baze babe "yimifunda nje abangafundile." Abanye babengakwazi ngisho ukusayina igama labo. Akazange aye emabandleni ukuyothola abantu baKhe.

34 Futhi Akazange avumelane nanoma yibaphi abaholi bamabandla. Futhi, ngaphandle kwalokho, Walandela yona impela inkambo yomprofethi. Walahla konke ababekwenzile, njengalabo phambi kwaKhe ababenakho; ngoba babeyingxenye yeZwi, futhi WayeyiZwi ekugcwaleni kwaLo.

35 Kodwa phakathi kwakho konke, kuyo yonke iminyaka nawo wonke umprofethi owayekade ekhona noma oyoba khona, kuzoba nenani elithize labantu omiselwe ngaphambili ukuzwa lowoMlayezo, futhi bayaWulandela. Labo bazishaya indiva izixuku. Bakushaya indiva ukugxeka kongakholwayo. A—abanampikiswano nabo. Banento eyodwa abangayenza, lokho ngukukholwa nokuthola konke nokuncinyane kwaLo abangakuthola, baLizikise njengoMariya owahlala ezinyaweni zikaJesu.

36 NoMarta wayelungisa idina laKhe, noJesu wathi kuye, "Kodwa, Marta, ukhathalela kakhulu izinto zokuphila, kodwa uMariya ufunile izinto ezingcono," niyabo, izinto zokuPhila okuPhakade.

37 Manje, sithola ukuthi abaningi babantu ababeqondile... Babengenayo incwadi efundwayo ilitrisha njengoba sinayo namhlanje, babengenayo itelevishini noma otelefoni, kumbe noma yini, yangalolosuku, kodwa babethe ukuthola umoyana endaweni ukuthi Wayezobakhona ephasikeni. Ngokuba abaningi babantu, becabanga ngokukamoya, babazi ukuthi WayeyileloWundlu lephasika, ngoba Wayesevele ebatshelile izinto okwakuzokwenzeka.

38 Kwase kuthi-ke, kusobala, azi ukuthi Wayezoba lapho, futhi beMthanda ngendlela ababenza ngayo, babelindele Yena. Kwakukhona isixuku mhlawumbe esasifuqa, sisunduzana

ukusuka esangweni kuya kwelinye, beqaphele ndlela zonke, ngokuba babazi ukuthi ngelinye lamahora Wayezoqhamuka. Babeqaphile.

39 Abanye babemangala ukuthi kwakwenzenjani ngalabababantu begijima besuka esangweni beya esangweni. “Yini ehehanayo na?”

40 Futhi babebheka *ngapha* babuye babheke *ngale,* ukuba bathole. Kwakubukeka sengathi kukhona ababekufuna, benamathemba ento ethize eyayizokwenzeka.

41 O, bengingathanda kanjani ukushintsha indikimba yami imizuzu embalwa futhi ngisho lokhu, ukuthi yileyo indaba namhlanje. Abantu abafuna Yena eza umagange kakhulu namathemba. Singakuzwa, ukucindezela. Futhi bayafuna, beqaphe konke ukunyakaza naso sonke isibonakaliso, bekuqhathanisa nemiBhalo.

42 Futhi lapho sebebone zonke lezozinto okwabikezelwa ngaYe, kwaze kwaba sekugcineni ngqo, babazi ukuthi ukuphela kwase kusondele. Babefuna ukuba lapho, ngakho baqapha. Ingxenye yezixuku yayingakuYe, edlanzaneni. Abanye wayemelene naYe, iningi labo, amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye ayemelene naYe.

43 Futhi lokho kuthi akube ngaleyondlela namhlanje ezixukwini zezenkolo, uma ngempela sekwehlela eZwini nakuKristu, kukhona cishe ipesente elilodwa elalizoLikholwa. Enye ingxenye yayingaLinaki nakulinaka, akunandaba ukuthi kwenziwani, babethi nje ukwenza ihlaya elithize noma baLigaklaze. Kuthi nje akufane. Isikhathi, izinto azishintshi kakhulu kakhulu, umlando nje uyaziphindaphinda ndawo zonke.

44 Awu, sithola ukuthi lokho kwadonsa ukuthi kuphakamise amaphaphu. Lalifanele. Lifanele likwenze. Babelindele, babemangele ukuthi Wayezokwenzani uma Esefike lapho. Babefuna ukuba lapho ukuthola noma yini Ayeyenzile. BabeLifuna. Babefuna ukuLibona. BabeMkholwa. Abanye babezwile ukuthi Wayeza, futhi benyukela lapho ukuba bayohlekisa ngaYe. Ngakho emva kwakho konke ukuba magange kwemizwa, usuku olungejwalekile ngempela, isikhathi esingejwalekile ngempela, amabandla elele, umuzwa wabantu wawususengebheni, kwakukhona abantu abaningi kakhulu lapho, kwase kwenzeka-ke!

45 Esiqongweni seNtaba yemiNqumo kuza encane, imbongolo emhlophe iza, ihamba yehla egqumeni, neqembu labantu bememeza kakhulu ngobuhlanya, behlubula amahlamvu esundu emithini, bephosa izingubo zabo emgwaqeni, bememeza kakhulu, “Hosana kuyo iNdodana kaDavide eza ngeGama leNkosi!” I. . .lomnyuzi omncane, uMgibeli wawo wayengekho

omunye ngaphandle kokuthi kwakunguMesiya ogcotshiweyo kaNkulunkulu wehora.

46 UNkulunkulu, manje-ke, Wayenzani na? Yini lokho kuhehana phezulu lapho egqumeni na? NguNkulunkulu eqopha umlando, noNkulunkulu egcwalisa isiprofetho. Nalokho njalo kubangela ukuhehana. Kuvusa bonke abagxeki, amanqe (oMlayezo wanamhlanje ekuseni,) nezinkozi futhi. Niyabo? Bahlangana ndawonye ukuzothola ukuthi kwenzekani. Abanye beza ngosikisiki lokuzokwazi okufihlakeleyo, abanye bezela ukuzothola iphutha, abanye bezela ukuzogxeka. Kukhona zonke izinhlobo ezibuthene, njengoba sishilo kulokhu ukusa: amakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo. Yini esentabeni? Isiprofetho siyagcwaliseka. Manje sizobona ukuthi kwenzekani.

47 Manje, eNcwadini kaZakariya, esahlukweni 9 nevesi 9. UZakariya, omunye wabaprofethi, wakhuluma eseMoyeni, esho lokhu.

> *Thokoza kakhulu, O* madodakazi *yaseSiyoni; memeza, O* madodakazi *yaseJerusalema: bheka, iNkosi yakho iza kuwe: ilungile, inensindiso; ithobekile, ikhwele imbongolo, nase*nkonyaneni, *ithole lembongolokazi;*

48 Manje, kwakuyini indaba ngalabobabhali na? Kwakuyini indaba ngalabobapristi na? Kwakuyini indaba ngalabobantu bezenkolo na? Lokhu kwalotshwa eminyakeni engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa ngaphambi kokuba kwenzeke, ngomprofethi oqinisekisiwe, futhi kwase kuvele kufakwe emibhalweni, futhi kwabizwa ngeBhayibheli, imibhalo egoqwayo yeTestamente eLidala. Kungani bengakwazanga ukubona ukuthi lesosiprofetho sasigcwaliseka na? Isizathu esifanayo bengakwazi ukusibona namhlanje. Babethathe iZwi likaNkulunkulu baLenza ize kubantu, ngokufundisa (benzele amasiko) iziMfundiso ezingamasiko omuntu.

49 Futhi ukuba umbhali, abashumayeli, abefundisi, indoda kamoya (ebizwa kanjalo) abagcotshiwe, babefunde kuphela iBhayibheli, babengeke bamangale ukuthi kwenzekani, babeyokwazi ukuthi Liyini. UNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe!

50 Kwakuqoshwa umlando, isiprofetho sasigcwaliswa. Insindiso ezweni yayifika, usuku olukhulu bonke abaprofethi ababekade belubhekile. Wonke lowo owayesethuneni wayelindele lolosuku (he, cabanga ngakho), wonke lowo owayefile, bonke abalungileyo begazi labafelukholo nabaprofethi.

51 Okungukuthi, Wayesanda kumemeza kakhulu nje, "Jerusalema, O Jerusalema, wena owakhanda ngamatshe wonke umprofethi eNgimthumela kuwe, futhi ubulala

abalungileyo, kukangaki Ngifisa ukukufukamela njengoba kwenza isikhukhukazi, emachwaneni aso, kodwa awuvumi. Kodwa manje ihora lakho selifikile."

52 Yonke into eyayisethuneni, uAbrahama, uIsaka, uJakobe, bonke abaprofethi, babelinde lelihora.

53 Nebandla laliphuphuthekile kuLo. "Ubani lo obanga wonke lomsindo na? Ubani loMfo na?" Bake basho, "Akusiyo leyondodana yombazi ngapha na? SiyaMazi. Ukutholephi lokhu ukuhlakanipha na? Ngani, asiMboni exhumene nanoma yisiphi sezikole zethu. Asazi zincwadi Ake afunda kuzo. UnguBani?"

54 Wayeyimpendulo yesiprofetho somprofethi. Nangu Eza, ekhwele ithole lembongolo. Ukuhehana okunje pho! UNkulunkulu wayegcwalisa iZwi laKhe elithenjisiweyo, ihora elalikade lilindile selokhu kwaba yiminyaka eyizinkulungwane ezine. KuGenesisi, isahluko 3 nevesi 15, uNkulunkulu wayekade enze isibikezelo, "INzalo yowesifazane iyolimaza ikhanda lenyoka, kodwa ikhanda layo liyolimaza isithende sakhe," lesosiprofetho phansi kusukela eBhayibhelini esasikade sibikezelwe ngaloMuntu eza.

55 Futhi lapha khona maduze nje kwakukhona umprofethi owasukumayo phakathi kwabo, owaqinisekiswa ukuthi ungumprofethi, uZakariya, futhi washo, ukuthi, "Nina madodakazi aseJerusalema nani madodakazi aseSiyoni, thokozani, nimemeze, nimemeze kakhulu, ngokuba iNkosi yenu iza kini, imnene futhi ithobile izibeke phansi, ikhwele etholeni lembongolokazi."

56 Futhi lapha labobantu ebabefunda lowomBhalo, usuku nosuku, baMbhekisisa eza ekhwele, futhi bamemeza, "Ubani lo?" Niyabo? UNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe kubantu ababefanele bazi ukuthi Laliyini, kodwa abaLazanga.

57 Uma uNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe, njalo libangela ukuhehana, njalo liyakwenza. Libangela ukuhehena, ngokuba aLejwayelekile. Alejwayelekile kakhulu, uma Egcwalisa iZwi laKhe enkambisweni yesimodeni yosuku, ngoba inkambiso yesimodeni yosuku ayikholelwa kuLo. Banendlela okungeyabo.

58 Manje, siyabona, futhi asibuyele emiBhalweni futhi sithathe ezinye izehlakalo ezingejwayelekile, okweminye nje imizuzu embalwa, ngenkathi uNkulunkulu egcwalisa isiprofetho saKhe. Uma uNkulunkulu esho noma yini, Uzoyenza. Onke amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa leloZwi ngeke ledlula neze. Ngakho ngokwejwayelekile Libangela isigcawu, sibe yisigcawu esingejwayelekile.

59 Qaphelani ukuthi lihlekeka kanjani iZwi likaNkulunkulu ku—kubantu ofanele ukuLikholwa, kepha nokho Alejwayelekile kakhulu bamemeza kakhulu, "Awu, yini le? Uyitholephi leyonto? Ubani lo? Yini le?"

Kanti, bebefanele ngabe bayamemeza, “Hosana eNkosini eza eGameni leNkosi!” Kodwa kwakukhona nje iqembu elincane lenza lokho, iqembu elincane nje.

Okweminyaka eyizinkulungwane ezine yesiprofetho, sento enkulunkulu ukwedlula zonke ukuba ike yenzeke esizweni, ngokuba lonke ithemba labafileyo laliphumule kuLo, yonke inkathi ezayo yayilele kuLo; nabantu bezenkolo, ababezisho ukuthi bayaLikholwa, wayememeza kakhulu, “UnguBani? Futhi yini le ehehanayo?” Into engejwayelekile! Cishe ngokufanayo, akushintshi nje, manje akwejwayelekile.

60 Ake sibone ezinye zezinto ezingejwayelekile, njengoba ngishilo nje. Kwakuyini eyayihehana ngaphambi nje kokuba ukwahlulela kushaye izwe futhi kulibhubhise ngamanzi na? Ikhehla, elilapha ekhulwini namashumi amabili eminyaka ubudala, lakha isikebhe kanti kwakungekho-manzi esizontanta kuwo. Phezulu lapho iminyaka, limi emnyango, lilokhu lakha kwingaphakathi, ngaphakathi, futhi liwunameka ngekolitayi ngaphakathi nangaphandle, futhi lithi, “Izwe lizogwinywa lonke amanzi,” unyaka omkhulu wesayense.

61 “Yini leyo egqonqa phezulu egqumeni phezulu lapho na?” “Ngani, yikhehla elithiwa uNowa, futhi uphezulu lapho, uhlanya oludala. Ikhehla lama elangeni isikhathi eside kakhulu. Liguliswa yilanga. Liphambene ingqondo. Lakha lokho elikubiza ngokuthi ‘umkhumbi,’ futhi lithi amanzi avela phezulu lapho lapho okungekho-manzi, futhi uzontantisa bonke abantu bajikeleze; futhi wonke umuntu ongawuzwa umlayezo wakhe, nawo wonke umuntu ongeke eze angene kulowomkhumbi, uzominziswa. Senake nayizwa into enjalo na?” Kwakungukuhehana okungejwayelekile!

62 Sengathi ngiyabona lapho abantu befuna okumnandi ukuhleka, benyuka base bema phambi komnyango womkhumbi base behleka. “Ngani, wathi lalizokuna eminyakeni eyikhulu eyedlulayo! Umkhulu wangitshela ukuthi wakuzwa phezulu lapha uthi lalizokuna, futhi usalokhu ushaya uzungeza lesisijuqu esidala sokhuni phezulu lapha. Yini ungahlakaniphi?”

63 Kodwa kwakunguNkulunkulu elungiselela ukuqinisa isithembiso nokugcwalisa isiprofetho umprofethi waKhe ayesenzile. Akwejwalekile neze! UNkulunkulu egcwalisa isithembiso saKhe kuNowa, ngenkathi abanye ehleka. NoNkulunkulu naye wayelungiselela ukuqopha umlando ukukhombisa kwabanye, ngisho nakulolusuku, ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe! Akunandaba ukuthi kubonakala kungelona kangakanani iqiniso, kungenangqondo, Usalokhu eligcina iZwi laKhe. Wayekwenza kube yisibonelo, ngalelokhehla ligqonqa kulowomkhumbi, salababantu lapha eMelika kulobubusuku nasemhlabeni wonke. Akunandaba

ukuthi isayense ithini, ukuthi bathini, *lokhu, lokho,* noma *okunye*, Usalokhu eligcina iZwi laKhe. Wayeqopha umlando.

64 Yini eyayihehana ngoluny'usuku; into engejwayelekile yenzeka ngemuva ehlane, futhi kwakuyisihlahla esasivutha. Nomprofethi obalekayo wayemi ezansi ehlane. Akazange ezwe-phimbo, akazange ezwe-msindo, kodwa wabuka wase ebona into engejwayelekile phezulu esiqongweni sentaba. UNkulunkulu wayezama ukuheha ukunaka kwakhe. Kuyafana namhlanje!

65 UNkulunkulu wayelungiselela ukugcwalisa iZwi laKhe, ngomprofethi waKhe uAbrahama, "Inzalo yakho iyakugogobala iminyaka engamakhulu amane ezweni lezizwe. Ngiyakubakhipha ngesandla esinamandla."

66 Futhi Wayelungisa umuntu enzela umsebenzi, njengoba Wayelungisa umkhumbi enzela indawo ephephile kubobonke labo ababezokholwa. UNkulunkulu wavuthisa lesisihlahla, nalomelusi wezimvu, uMose, wathi, "Ngizophambuka nje ukubona ukuthi lento exakile ichaza ukuthini." Futhi lapho Esekhuphulele uMose esihlahleni, Wakhuluma kuye.

67 Yini eyayihehana kamuva ehholo likaPilatu, ngenkathi lomelusi wezimvu ephosa phansi induku futhi yaphenduka inyoka na? UNkulunkulu egcwalisa isithembiso saKhe kuMose. Yini eyayihehana oLwandle oluFile, ngenkathi amahhashi kaFaro onke ashaqeka, ngenkathi ebone umoya ovunguzayo wehla uvela emazulwini futhi wehlukanisa uLwandle oluBomvu kusuka kwesokudla kuya kwesokunxele; nesigejane sezihlupheki zezigqila, sihamba ngesibopho sikaNkulunkulu, sihamba siwela lolo emhlabathini owomile na? Kwakuyini na? UNkulunkulu egcina iZwi laKhe. Ukufa kwadeda, abantu abaphilayo bahamba bawela; nabantu abafe ngokomoya bazama ukukulingisa, futhi baminza. UNkulunkulu egcwalisa isiprofetho futhi eqopha umlando. Lokho kwakungukuheha oLwandle oluFile.

68 Yini eyayihehana osukwini lwesibili emva kwalokho, eNtabeni yaseSinayi, ngenkathi bonke abantu eyalwa ukuba bangayi komkabo, ngenkathi becelwa ukuba bageze izingubo zabo futhi bazingcwelise, futhi babuthane bazungeze intaba lapho indoda egama linguMose yayithe yayibonane noNkulunkulu eseNsikeni yoMlilo na? NoNkulunkulu wayethe kuMose, "Ngizokwehlela phakathi kwabantu. Ngizoqinisa lokho engakutshela khona, nokuthi NginguBani. Ngizobabonisa ukuthi NgiyilowoNkulunkulu." Lokho kwakungukuheha, uNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe.

69 Yini eyayihehana ngolunye usuku emlandwini, lapho isizwe sasesimkhohliwe uNkulunkulu, lapho abantu base beyibo ngegama nje futhi bengasanaki nje, lapho abapristi bonke babehambe ngenkambo yesimodeni, abaprofethi baprofetha ngokwentando yabapristi? Futhi ngalolosuku,

njengokwejwayelekile, babenomuntu oyedwa ababecabanga ukuthi wayewuhlanya. Wayekhuluma ngabesifazane befake upende, nakho konke, futhi wayewuhlobo oluwuhlobo lomfo oyinqaba. Nalomfo omdala wayehlile wayesethi enkosini, "Akukho ngisho amazolo azobiza . . . afikayo ngize ngiwabize."

70 Futhi siyathola, manje-ke, ukuthi wayekade ezifihlile futhi wabaleka kukho, futhi wacasha ngaphandle ehlane ndawondawo. Ayehambisana nabo babecabange ukuthi mhlawumbe wayebulawe yindlala noma wabhubha; kodwa wayekade ondliwa kahle impela, waphiwa namanzi, futhi. Futhi nangu wayelapho, wehla wayesethi, "Niyabona ukuthi ngino ISHO KANJE INKOSI na? Manje, uma ningakaneliseki namanje, asenyukele esiqongweni sentaba futhi sifakazise ukuthi ubani onguNkulunkulu," ngokuba wayenomunye umbono ovela eNkosini.

71 Wathi, "Khethani nina i—ialtare, bese nilenza, bese—bese nikhetha inkabi bese nizigwaza. Mina ngizokwenza ialtare leNkosi, kanti futhi ngizobeka inkabi kwelami. Kanyekanye sizokwenza umhlatshelo, bese sidedela uNkulunkulu onguNkulunkulu aphendule." Wayengeke nhlobo akwenze lokho ukuba iNkosi yayingamtshelanga; washo njalo kamuva, "Ngikwenzile lokhu ngo . . . konke lokhu, ngokuyala kwaKho, Nkosi."

72 Kodwa yini ehehanayo na? Kunabapristi abangamakhulu amane abami egqumeni, nenkosi phezulu lapho enqoleni yayo, nazo zonke izikhali zayo nabaqaphi bemi beyikakile. Nale endala, enoboya, indoda enobuso obubukeka bungacacile, inempandla, nezinwele zilenga phezu kobuso bayo, isiqephu sesikhumba semvu inqwambe ngaso, nezinwele wonke umzimba wayo, imi phezulu lapho nenduku esandleni sayo, nophiso lwamafutha ngakwesinye isandla; eyathi nje, iminyaka emithathu nengxenye ngaphambi kwalokho, "Akukho ngisho amazolo azokwehla ngize ngibize kuwo, ngiwabize," ethatha indawo kaNkulunkulu, ngezinto ezinjengalezo njengendingilizi yokukhanya nezithunzi, nakho konke abakhuluma ngakho. "Futhi lapha lolohlanya oludala lumi phezulu lapho egqumeni, lwenyusela bonke lababantu lapho." Kwakuyini lokho kuheha na? KwakunguNkulunkulu elungiselela ukuqinisekisa umprofethi waKhe ukuthi uqinisile. KwakunguNkulunkulu egcwalisa isiprofetho. UNkulunkulu futhi eqopha umlando, egcwalisa iZwi.

73 Iminyaka engamakhulu ambalwa emva kwalokho, kwakukhona indoda eyayigcotshiwe ngalowoMoya ofanayo, futhi ivela ehlane, ingaxhumene nanoma yiziphi izinhlangano; nakuba uyise wayeyindoda yenhlangano, umpristi wangokohlelo. Kodwa uvela ehlane, embethe ngokuzisonga ngesikhumba semvu, izinwele bonke ubuso bayo. Esikhundleni sokuba zibe-mpunga, zazimnyama. Kwakuyini ukuheheka

kwalendoda eyaheha lonke iJerusalema neJudiya na? Abanye babo bephuma base bethi, “Kukhona indoda yasendle ezansi lapho. Izama ukugwilizisa abantu emanzini. Ubani owake wezwa ngento enjengaleyo na?”

74 Abanye babefisa ukwazi okufihlakeleyo, futhi bethi, “Lona kufanele kube nguMesiya.” Omunye wabo wathi, “Bekungaba ngomunye wabaprofethi.” Babengazi ukuthi babezocabangani. Kodwa kwakuyini na? KwakunguNkulunkulu egcwalisa uIsaya 40, lapho Athi khona, “Bhekani . . . ” Ayezokwenza ngezinsuku zokugcina, ukuthi Wayezoyithuma kanjani inceku yaKhe nokuthi yayizokwenzani.

75 Manje-ke siyathola, emavikini ambalwa emva kwalokho, leyondoda inesiqiniseko kakhulu ngomlayezo wayo, yaze yathi, “Ukhona Omiyo phakathi kwenu, Ozicathulo zakhe ngingafanele ukuzithwala. Uzonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo, njengoba nginibhaphathize ngamanzi.”

76 Ngoluny’usuku ejwayelekile nje, iNsizwa, ethi ayibe neminyaka engamashumi amathathu ubudala, yahamba yehla yase ibhaphathizwa. Futhi ngenkathi loMuntu efika, kwakukhona okukhulu ukuheheka komprofethi, umprofethi wenza ngokuxakile ngalolosuku. Ibandla alikwazanga ukuzibamba ekubhekisiseni ukwenza kwalowomprofethi ngenkathi enenkulumo-mpikiswano nabapristi ngaphesheya komfula.

77 Bathi, “UNkulunkulu wakha leli’altare. UNkulunkulu wasitshela ukuba senze lokhu. UMose ungumprofethi. Siyamkholwa uMose. Umhlatshelo awusoze wakhawuka.”

78 Sengiyamuzwa uJohane ephendula, wathi, “Anifundanga yini emBhalweni ukuthi umprofethi uDanyeli wathini, ‘Umhlatshelo wemihla ngemihla uyokhawuka na’? Nalelohora selifikile! Anifundanga yini ukuthi uIsaya wathini esahlukweni 40, ‘Izwi lomemeza ehlane, lungisani indlela yeNkosi’? Kukhona iziprofetho ezimbili zami. Futhi enye into, animqondanga yini umprofethi wethu eminyakeni engamakhulu amane eyedlula, uMalaki, ngenkathi ekhuluma esahlukweni 3 futhi wathi, ‘Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela’? Anazi yini ukuthi lokhu kugcwalisa isiprofetho na?” Isiprofetho sasigcwaliswa!

79 Futhi kwathi ngalesosikhathi umprofethi waphenduka wayesethi, “Bhekani, nakho kuza iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe!” Manje yini ehehanayo na? Kwashintsha kusuka kumprofethi kwaya esiprofethweni sakhe.

80 Manje qaphelani ukuthi yini efezekayo. Nakhu kuza uMuntu ojwayelekile, engaziwa-muntu, indodana yombazi, eza ephumela emanzini. Ngenkathi uJohane, umprofethi omkhulu, wathi, “Ngidinga ukubhaphathizwa nguWe. Yini ukuba Uze kimi na?”

81 Wathi, "Vuma kalokhu. Kodwa, njengomprofethi neZwi, kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke."

82 Ngakho wawuqonda uMhlatshelo ukuthi wawudinga ukugezwa ngaphambi kokuba wethulwe, futhi waMbhaphathiza.

83 Manje kukhona okunye ukuheha okwenzekayo ngenkathi Ekhuphuka ephuma emanzini. Lomprofethi owayekade ethembeke kakhulu ukumemezela unyaka wakhe nesikhathi, wabheka phezulu wayesebona amazulu evuleka. Wabona uMoya kaNkulunkulu, njengejuba, ehlela phezu kwaKhe, nePhimbo lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo Engithokozile ngaYo." UNkulunkulu wayeqinisekisa umlayezo womprofethi, owawuheha ukuba iJordani linake.

84 Umfowethu uculile esikhashaneni esedlule, noma ubefanele acule, "Entabeni ekude kwema isiphambano esidala esimahlikihliki." Yini ehehanayo eNtabeni yaseKalvari na? Uma sibona izwe lenkolo ukuthi laliMlahlile, nohulumeni wamaRoma wawuMgwebe ukuthi afe. Futhi lapha Wayelenga phakathi kwezelelesi ezimbili, elambele ukuphuza amanzi, iGazi ligobhoza liphuma emzimbeni waKhe. Nango Elenga, ememeza, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" Nabantu bezenkolo bemi lapho, bekubuka, babengazi ukuthi isiprofetho seTestamente eLidala kwakuhlangabezwana naso khona lapho eKalvari ngalesosikhathi.

85 UDavide uqobo lwakhe wabhala, enza . . . waba kuMoya njengabo bonke abaprofethi, wenza sengathi kwakunguye. UDavide wamemeza, eHubweni 22, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na? Onke amathambo aMi bayaNgigqolozela. Babhobozile izandla zaMi nezinyawo zaMi." UDavide, ekhuluma sengathi kwakunguye. Futhi kwakungesuye uDavide, kwakunguKristu kuDavide.

86 Futhi lapha sona impela isiprofetho esaphumayo, sabobonke abaprofethi abehlukene, sasigcwaliseka eNtabeni yaseKalvari. Yini ehehanayo eNtabeni yaseKalvari na? UNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe.

87 Okunye okuhehanayo okwakusentabeni, kwakungoSuku lwePentekoste, ngenkathi bonke ephezulu lapho emkhosini wezenkolo, bacabanga ukuthi base beziqedile zonke izinhlanya. Kwase kube yizinsuku eziyishumi bagcina ukuzwa ngabo. Khona manjalo, njengendlu yezinyosi, bathi ngquzu esiqongweni sendlu, baphumela emigwaqeni, ukumemeza kakhulu futhi beqhubeka.

88 "Yini le? Kusho ukuthini lokhu na? Ngabe bonke lomuntu badakiwe na?"

89 Bhekisisani! Nomprofethi wasukuma wama phakathi kwabo, njengoba uhlelo lomprofethi lufanele lube njalo, futhi wathi, "Madoda akwaIsrayeli, nani enakhe eJudiya,

eJerusalema, makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami. Laba kabadakiwe njengokuba nicabanga ukuthi banjalo. Kodwa lokhu kuyilokho okwakhulunywa yiNkosi ngoJoweli, umprofethi, 'Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.'" Lokho kwakungukuheha.

90 Abantu bezenkolo, emva kokubethela iNkosana yokuPhila, nakho konke, noma kunjalo abasibonanga isithembiso sokufika kukaMoya oNgcwele. Ukuheha, "Ubani lo? Kusho ukuthini lokhu na? Yini indaba ngalabobantu na?"

91 O, he! Kuyafana namhlanje. Sizokwedlula inqwaba yalokhu ukuba sikulethe kulelihora. Into efanayo inamhlanje. Into efanayo iyenzeka. Umbuzo ofanayo uyabuzwa. "Owani wonke lowomsindo na?" Bukani phansi-phezulu emgwaqeni, izimoto ezivela eMichigan kuya eFlorida, ukusuka eMaine kuya eCalifornia. Kulokhu ukusa ngenkathi ngigibele ngiphuma, noma ntambama impela, besehla ngomgwaqo, unkosikazi nami bengibheka amalayisense ezimotweni. Yilapho engicabange khona ngalendikimba.

"Kusho ukuthini lokhu na?"

92 Kwathi Kungasho nje, "Lapho kukhona isiDumbu, kulapho izinkozi ziyobuthana khona."

93 Ngathi kunkosikazi wami, "S'thandwa, uyakhumbula ngobusuku bayizolo ngenkathi ngidingeka ukuba ngithi akusale kahle konke lokho okwakuthandeka kimi emhlabeni, futhi ngiya endle ukuqala into ethize uNkulunkulu ayethe angiyenze na? Wena wacula leloculo."

> O, bayofika bevela eMpumalanga naseNtshonalanga,
> Bavela emazweni akude,
> Ukuzodla idili neNkosi yethu, ukuzodla njengesimenywa saKhe;
> Zibusiswe kakhulu lezizihambi!
> Zibheke ubuso baKhe obungcwelisiwe
> Ekukhazimuleni nothando lobuNkulunkulu;
> Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
> Njengamatshana ayigugu emqheleni waKhe bayokhanya.

94 Kuyilokho-ke ukuheha. INzalo kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili engeke yenza lutho olunye ngaphandle kokuthi iLilandele, kusho okukhulu ukwedlula impilo kithi. Thatha izimpilo zethu kodwa awukuthathi Lokho. Yini ehehanayo na? UNkulunkulu, njengokwejwayelekile, egcwalisa iZwi laKhe. Ugcwalisa iZwi likaZakariya futhi, lomprofethi uZakariya.

95 Lapho engifunde khona ivesi 9 esikhashaneni esedlule, ngenkathi uJesu engena ethempelini laKhe, ekhwele. . .noma engena eJerusalema, ekhwele kwencane imbongolo emhlophe,

isiprofetho sagcwaliseka uZakariya ayesishilo. NaSi, "Jabulani kakhulu, O madodakazi aseSiyoni. Memezani, O madodakazi aseJerusalema. Bhekani iNkosi yenu iza kini; Ilungile, futhi inensindiso; ithobile, ikhwele embongolweni, nasetholeni inkonyane yembongolokazi." Kwakuyilokho-ke okwakuhehana eJerusalema, kwikomkhulu lezenkolo.

96 Manje sibona ukwenzeka kosuku lokugcina! Ake siphenye nje amakhasi ambalwa, kuZakariya, futhi sibone ukuthi wathini ngakho. Asikuphenye-ke okwezinsuku zokugcina. Lowo kwakungunyaka omaphakathi; asiphenye manje ezinsukwini zokugcina. Futhi siphenye ngale kuZakariya, isahluko 14, futhi siqale ngevesi 4. Futhi lalelani! Futhi sizofunda sehle ingxenye yomBhalo, cishe amavesi ayisishiyagalolunye, kusukela kwele 4 kuya kwele 9. Lalelisisani. Futhi kuprofetha ngokuFika kwaKhe, izinsuku zokugcina. Lalelisisani manje. Lona ngu ISHO KANJE INKOSI. YimiBhalo, uZakariya 14. Khumbulani uZakariya 9, Lathini na? Futhi abaLiqondanga. Manje kuyini namuhla na? UZakariya 14, ekhuluma ngokuFika kwaKhe.

> *Izinyawo zakhe ziyakuma ngalolosuku eNtabeni yemiNqumo,* futhi, *ephambi kweJerusalema ngasempumalanga,* phezu kwe *iNtaba yemiNqumo yoqhekezeka phakathi ngasempumalanga nangasentshonalanga, kube yisigodi esikhulu kakhulu; inxenye yentaba iyaku*suka *ngasenyakatho, nenxenye ngaseningizimu.*
>
> *Niyakubalekela esigodini sezintaba; ngokuba isigodi sezintaba siyakufinyelela eAzali: yebo, niyakubaleka, njengalokho nabalekela ukuzamazama komhlaba* ngezinsuku *ngezinsuku zikaUziya inkosi yakwaJuda:. . .*

97 Okunye ukuzamazama komhlaba kwehlukana kuvula umhlaba! Uma nifuna ukulandela umBhalo lapha, qaphelani kulelivesi 5 lapha, lisebenza ekutheni ukuqhekezeka kweNtaba yemiNqumo kungenxa yokuzamazama komhlaba, futhi lokhu kuqiniswa nguIsaya 29:6 neSambulo 16:9. Impela! Kuyini na? Umprofethi ofanayo wakhuluma ngokufika kwaKhe kokuqala, wakubona ukuFika kwaKhe kwesibili. Qaphelani, "Njengasezinsukwini zokuzamazama komhlaba." Niyabona ukuthi ukuzamazama komhlaba kwenzani na? Niyazibona izibikezelo zakho na?

> *. . . lapho kuzakufika iNkosi uNkulunkulu* wakho, *nabo bonke abangcwele* bakhe *kanye nawe.*
>
> *Kuyakuthi ngalolosuku,* (haleluya) *ngalolosuku kungabikho ukukhanya,* noma ubumnyama:
>
> *Kuyakuba lusuku* olune *ngokwalo . . . usuku olwaziwa yiNkosi, kungabi-yimini, kungabi ngubusuku: kepha*

*kube, ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa.* (O Nkulunkulu!)

98 "Kuyakuba ngukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa," umprofethi ofanayo. Nabantu uphuphuthekile! Yini ehehanayo na? Ake sifunde amanye futhi amavesi athi awabe mabili.

*Kuyakuthi ngalolosuku, kuphume amanzi aphilayo eJerusalema; inxenye yawo kulo ulwandle olungaphambili, nenxenye...kulo ulwandle olungasemuva: kube-sehlobo nasebusika.* (IVangeli lihamba liya phambili; bobabili umJuda noweZizwe.)

*INkosi iyakuba yiNkosi emhlabeni...ngalolosuku, iNkosi iyakuba yinye negama layo libe-linye.*

Kuyobakhona ukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa, (kunjalo)
INdlela eya eNkazimulweni impela niyoyifumana;
Endleleni yamanzi ngukuKhanya namuhla,
Ningcwatshwe eGameni elihle likaJesu,
Bancane nabadala, phendukani ezonweni zenu zonke,
UMoya oNgcwele ngempela uyongena;
UkuKhanya kwakusihlwa sekufikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu baMunye.

Niyabona ukuthi sikuphi na?

Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo; (lokho kuzamazama komhlaba kwabeZizwe kulo usuku lokugcina")
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini.

99 Wena okhahleliwe, nalemiphongolo ethwalwa ngezinqola ezintsha, phuma lapho ngaphambi kokuba ukufa kukushaye. UNkulunkulu uLiqinisile. Kuzoba njalo.

100 Asiphenye ngale komunye umBhalo eTestamenteni eLidala, uMalaki isahluko 4, futhi sifunde lesosahluko 4 esincane.

*...bheka luyeza usuku, luvutha njengeziko; bonke abaziqhenyayo, yebo,...bonke abenza okubi, bayakuba ngamabibi:...*

101 Manje, lo akusuye...Lowo nguMalaki 3, kwakungukufika kokuqala, manje nakhu ukufika okulandelayo. Ngisho noDokotela Scofield lapha, impela angivumelani naye emanothini akhe awabhale ngezansi ekugcineni, kodwa ukulayinise kahle lapha. "Umsebenzi wokuthunywa

kukaJohane," kuMalaki 3; nokuthi, "UkuFika kwesibili kukaKristu," noElija kuqala. Kunjalo.

> . . . bonke abaziqhenyayo bayosha, *isho iNkosi yamabandla,* futhi *lungabashiyeli-mpande nagatsha.* (Siphi-ke isihogo sa "Phakade" ngalesosikhathi na?
>
> *Kepha kinina enilesaba igama lami kuyakuphuma iLanga lokulunga* nemikhankaso yo *kuphilisa, philisa emaphikweni alo; niyakuphuma, nitshekule njengamathole esibaya.*
>
> *Niyakunyathela phansi ababi;* . . . *bayakuba umlota phansi kwamathe ezinyawo zenu ngosuku* lolo *engiyakwenza loku ngalo isho INkosi yamabandla.*
>
> *Khumbulani umthetho kaMose inceku yami, engamyala ngawo eHorebe ngaye wonke uIsrayeli, waba yizimiso ne* sahlulelo.

102 Nakhu ukufika kuk aElija.

> *Bhekani, ngiyathuma kini uElija umprofethi* . . .

103 UmBhalo ovalayo wokugcina weTestamente eLidala!

> . . . *Ngiyakuthuma kini uElija umprofethi lungakafiki* lolo *usuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo:*

104 Manje, lowo kwakungeke kube nguJohane. Qhabo. Niyabo, izwe alishiswanga laqothuka nabalungileyo bahamba phandle phezu kwababi. Niyabo? Qhabo, qhabo.

> . . . ngaphambi *kosuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo:*
>
> *Uyakuphendulela* izinhliziyo *yawoyise kubantwana, ne* zinhliziyo *yabantwana koyise, funa ngifike ngishaye izwe ngesiqalekiso.*

105 Qaphelani ukucophelela kukaMoya oNgcwele, ukuthi Ungeke ukudidanise lokho kufika okubili kukaElija. UMalaki 3, wathi, "Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi." UJesu wabuzwa ngoJohane; Wathi, "Uma ningakwemukela, nguye lo umprofethi athi ngaye, 'Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.' Lona nguEliyase obezakuza." UMalaki 3.

106 Qaphelani umBhalo ukunikeza ngokukhulu ukucophelela. Bhekisisani ukuthi lokhu . . . ukukhombisa i . . . labo ofuna ukukholwa, labo ofuna ukubona. Khumbulani, uJesu ema phakathi nomBhalo, ngoba inxenye yawo yagcwaliswa ngayo leyonkathi, oseleyo wokuFika kwaKhe kwesibili? "Ukushumayela umnyaka omuhle weNkosi, ngibophe abadabukileyo," wase ema; hhayi "ukuletha ukwahlulelwa koweZizwe" kuze kube ukuFika kwaKhe kwesibili.

107 Qaphelani umBhalo lapha uhambisana kanye nalokho. "Futhi yena, uElija, uyophendulela izinhliziyo

zawoyise kubantwana." (Manje ngikhuluma ngoMalaki 4, engaxutshaniswa, noma uMalaki 3.) UJohane, uElija, owafika ezinsukwini ngaphambi kokufika kokuqala kukaKristu, waphendula izinhliziyo zobaba abangokhokho abadala zaya emlayezweni wabantwana, umlayezo omusha.

108 Manje bhekisisani. "Nezinhliziyo zabantwana koyise." Ekufikeni kwakhe kwesibili, ngezinsuku zokugcina, ubuyela ekuKholweni kwabaphostoli futhi. Niyabona ukuthi imiBhalo ilayina ngokuphelele kanjani?

109 Lokho kwakungukuphela kweTestamente eLidala, iTestamente eLidala. Manje siyabona kukhona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Kuyini na? Kuyisiqongo, isiqongo sesiHlahla seNtaba.

110 Njengoba ngishilo kulokhu ukusa, sikhuphuke sedlula emahlelweni, sedlula (hhayi isihlahla se orintshi) njengoba ngikhulume ngaso kulokhu ukusa, kodwa sibe nophaphamuzi, amalamula, zonke izinhlobo zezinye izinto obekungafani nhlobo nokwasekuqaleni. Kodwa emva . . . NingaKugeji Lokhu. Nakhu Kufika. Emva kokuba onke amahlelo seliphelelwe amandla, ayengenakho ukuKhanya kwasekuqaleni nje, kuyoba uusuku olungebizwe ngokuthi imini noma ubusuku.

111 Benzani na? Benzani na? Wenzani u—ulamula esihlahleni se orintshi na? Uthatha ukuphila kwasekuqaleni kwe orintshi okukhuphukayo bese ukuphambukisa kwedlulele kulamula. Yilokho amahlelo elikwenzile eZwini likaNkulunkulu, enza iZwi likaNkulunkulu libe yize ngamasiko awo. Lowo ngu USHO KANJE UMOYA WENKOSI. Aveze amalamula, ophaphamuzi, hhayi ama orintshi.

112 Kodwa wathini umprofethi na? Ofanayo osholo indikimba yethu kulobusuku, "Thokozani, O madodakazi aseJerusalema, memezani kakhulu, madodakazi aseSiyoni, ngokuba iNkosi yenu iza kini, imnene futhi ithobile, ihlezi phezu kwethole lembongolo," qaphelani umprofethi ofanayo wathi, "Kuyofika isikhathi sokuvuna." Ilanga lithunyelwa phezu komhlaba ukuvuthwisa isithelo. Alivuthwisanga ngani na? Akukho-sithelo lapho ukuvuthwisa. Kodwa ukuPhila kusalokhu kuhamba kuya phambili.

113 Kwenyuka kudabule kuphaphamuzi, ukuba kube yi orintshi, kutholakala ukuthi wahlela; kwakunguphaphamuzi. Kwahamba futhi, kwaphuma ngalesosikhathi kungulamula. Kwaqhubeka futhi, kwaphenduka kwaba ngenye into. Futhi ekugcineni, isiqongo sesihlahla, sekuphenduke kwaba yitanjelo okunguhhafu we orintshi, uhhafu kalamula; okubhasteliwe, into ephendukezelwe; kuza ekuphendukezelweni, kuphila ngalesosihlahla esifanayo; ikhoba, "kucishe impela kudukise abaKhethiweyo." Kubukeka njenge orintshi, kodwa akusilo.

114 "Kodwa kuyoba ngukuKhanya," lapho likhula liyedlula inhlangano. Lapho liphuma ledlula inhlangano, siyahluma futhi, liyoveza ama orintshi njengoba lalinjalo ngenkathi liya emhlabathini, kuyothi-ke bese kuba ngukuKhanya.

115 Kuyini lokhu okuhehanayo; yini le eyenzekayo na? Kugcwalisa iZwi likaNkulunkulu. Kukhona ofakazi ababili beTestamente eLidala, ukuthi lokhu kwakuzokwenzeka.

116 Asithathe uJohane 14:12, weTestamente eLisha. UJesu wathi.

> . . . *Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza;* . . .

117 Futhi, kuLuka 17:22 kuya kwelama 30, Wathi.

> Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe, kuyakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu, ngalolo *usuku embulwa ngalo iNdodana yomuntu.*

118 O, bukani imiBhalo nje! "INdodana yomuntu," uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, ukhule wedlula amahlelo, wakhula wayongena esiqongweni sesiHlahla. Wathini kuJohane 14, noma 15 na? "Yilelo nalelogatsha elikiMi, elingatheli isithelo, lizonqunywa lithenwe, liphoswe emlilweni lishe futhi. Kodwa yilelo nalelogatsha eliyothela isithelo, liyohlanzwa."

119 O, kuyobakhona imvula yeqiniso yokuqala neyamuva ngezinsuku zokugcina phezu kwaleloqembu elincane eliza naYe ephezu kwalembongolo encane, ethobile futhi emnene, akukho don-. . . noma hlelo, elimemezayo, "Hosana kuyo iNkosi uKingi eza eGameni loMbusi!" Yini indaba namhlanje na? Yini ehehana entabeni?

120 Esikhathini esingeside esedlule, ngimi kulelipulpiti, kwashiwo nguMoya oNgcwele, "Usuku luyofika lapho beyoshayela khona isikhonkwane phambi kwendlu yakho; bayogudluza isango lakho. Ngakho, lokho, uyokwedlula, ungathukutheli." Ngalibona isango lami lizimbuliwe futhi libekwe ngaphandle emmangweni. Ngalibona igquma phambi kwami, ligujwe lakhishwa lonke, amabhodi nezinto kubekwe lapho lapho into ethile yayilifihlizile. Wathi . . .

Ngabheka, futhi kwakukhona uRicky omncane owayenyukele lapho wase elishaya laphuma lelosango, enze lokhu. Ngathi, "Awungitshelanga ngani na?" Wangiqinela, futhi kwadingeka ukuthi ngimshaye. Futhi lapho kwenza, ngathi, "Akaze ngikwenze lokhu selokhu ngagcina eringini, kodwa nje ngifuna wazi," futhi ngamshaya ngokumpansa kanye. Futhi ngenkathi ngimshaya ngimlahla phansi, ngabuye ngamphakamisa futhi ngabuye ngamshaya ngamlahla phansi futhi. Ngamphakamisa, kathathu noma kane, ngase ngimkhahlela washona ngale kwegquma. Ngakho

ngase-ke ngiya lapho, ngase ngithi, "Lokho akulungile." Ngase ngimphakamisa ngase ngimxhawula, ngathi, "Angikuthukuthelele, kodwa nje ngifuna wazi ukuthi ungeke ukhulume kimi kanjalo."

Kwase kuthi-ke ngenkathi ngijika ngase ngibuya, uMoya oNgcwele wawumi lapho esangweni, wathi, "Manje kwedlule lokhu. Uma lesosikhonkwane sishayelwa phansi, jikela ngasentshonalanga."

> LeNcwadi, konke engikudingayo,
> LeNcwadi ingenhle iNdlela yokwenza,
> Indlela ekhombisa ukuhamba ngizungeze
> inkathazo yami. Amen.

121 NaleyoNcwadi iyiZwi, naleloZwi linguNkulunkulu. Yedlula izinkathazo zakho, Izokutshela ukuthi yenzenjani.

122 Eminyakeni emithathu edlule ngezwa umngane wami, umdabuli wedolobha, wakhe ezansi emgwaqaneni ophahlwe yizindlu ukusuka kimi, eshayela isikhonkwane phansi. Ngaphumela lapho ngase ngithi, "Kwenzenjani, Mud?" Indodana kaMnu. King. umngane wami uqobo.

Wathi, "Billy, bazowandisa lomgwaqo."

123 Nonke niyakhumbula. Ngathi, "Kungahle kube yibriji." Ngamtshela uMfowethu Woods, ngathi, "Bamba impahla yakho. Mhlawumbe lelobriji lizokhuphuka lidabule lapha, into ethize." Umgwaqana ophahlwe yizindlu wahhebhulwa; izitini, amadwala, kwaphoswa phezu kwayo yonke into. Ngakho wathi . . . Ngathi, "Bamba impahla yakho." Kwathi-ke uma ngi . . .

UMnu. King wangitshela ukuthi lokho kwakuzokwenzeka.

124 Ngangena, ngathi kumkami ehlezi lapho, "S'thandwa, kukhona into ebhaliwe ngalokho. Ingu ISHO KANJE INKOSI, ndawondawo."

125 Ngahamba ngase ngithatha ibhuku lami, ngabuka kulo, futhi kwakuthi, "Kuyofezeka . . . " Eminyakeni eyisishiyagalombili kamuva!

126 Kwase kuthi-ke ngenkathi ngikubuka, ngathi, "Sekuyisikhathi manje, s'thandwa, sifanele sijikele entshonalanga."

127 Ezinsukwini ezimbili emva kwalokho, ngimi ekamelweni cishe ngeleshumi nqo ngokunye ukusa, ngangena eMoyeni kaNkulunkulu. Ngawubona lowomshungu wamajuba endiza, ngazibuka lezozinyoni ezincane. Niyakukhumbula. Ngabona iziNgelosi eziyisikhombisa zisesimweni sesivivane, ziza zigijimela kimi. Zathi, "Jika uye ngasentshonalanga, ukuba uye eTucson, ube semamayeleni angamashumi amane ngasenyakatho-mpumalanga. Futhi uyocosha ugudluthukela,"

noma unkunzana, bakubiza kanjalo lapho, "kusuka ezingutsheni zakho."

128 UMfowethu Fred Sothmann, ohlezi lapho engibuka njengamanje, wayelapho ngalokho kusa. Ngase ngikhohliwe ngakho.

129 Ngathi, "Ukuqhuma kwaqhuma njengokuzamazama komhlaba, okwazamazamisa cishe impela yonke into lapho eyayikhona ezweni. Angiboni ukuthi umuntu wayengasinda kanjani kukho." Ngangesaba. Ngama ePhoenix, nonke enilalele kulobubusuku niyangifakazela. Ngashumayela ngentshumayelo, *Banumzane, Sikhathi Sini na?* "Sikuphi na?" Ngaya eNtshonalanga. Abaningi benu lapha banayo leyoteyipu, abaningi benu lapha bayizwa isho, unyaka noma ngaphezulu ngaphambi kokuba kwenzeke.

130 Ngaya eNtshonalanga, ngimangele ukuthi kwakuzokwenzekani. Ngoluny'usuku ngathola ukubizwa yiNkosi. Ngatshela umkami, ngathi, "S'thandwa, ngi . . . mhlawumbe umsebenzi wami usuphelile." Ngangingazi. Ngathi, "Ngi . . . Nkulunkulu, uNkulunkulu mhlawumbe useqedile ngami manje futhi ngizoya eKhaya. Hamba uthathe uBilly, uthathe abantwana. UNkulunkulu uzokwenzela indlela, ngandlela-thize. Qhubeka uphile ngokwethembeka kuNkulunkulu. Ubone ukuthi abantwana bayaqeda esikoleni, ubakhulise ngokuyala kukaNkulunkulu."

Wathi, "Bill, awa—awazi ukuthi lokho kuyiqiniso."

Ngathi, "Qhabo. Kodwa umuntu wayengeke asinde kulokho."

131 Ngokunye ukusa iNkosi yangivusa, yathi, "Yenyukela lapho eSabino Canyon." Ngathatha isiqephu sephepha neBhayibheli lami.

Unkosikazi wathi, "Uyaphi?"

Ngathi, "Angazi. Ngizokutshela uma sengibuya."

132 Ngenyukela emgedeni, ngakhwela ngaze ngayothi ngqu phezulu lapho izinkozi lwalundiza luzungeza. Ngangiqaphe inyamazane empondo-zimagatsha imi lapho. Ngaguqa phansi ukuba ngikhuleke, ngase ngiphakamisa izandla zami, neNkemba yashaya esandleni sami. Ngaqalaza. Ngacabanga, "Yini leyo? Angisangene. Nansi leyoNkemba esandleni sami; ikhazimula, icwebezela, imenyezela elangeni." Ngathi, "Manje, akukho-bantu amamayela kimi, phezulu lapha emgedeni. Ibingaqhamukaphi leyo""

Ngezwa iPhimbo, lathi, "Leyo yiNkemba yeNkosi yodwa."

Ngathi, "Inkosi ihlomisa umuntu ngenkema."

133 Yona iPhimbo labuya, lathi, "Hhayi inkemba nje yenkosi, kodwa, 'INkemba yeNkosi yodwa,' iZwi loMbosi." Lathi,

"Ungesabi. NguMdonso wesiThathu kuphela. Yisiqinisekiso senkonzo yakho."

134 Ngangihamba ngizingela nomngane, ngingazi ukuthi kwakuzokwenzekani.

Nomunye wangibiza, lo owangigxeka mayelana nesithombe seNgelosi yeNkosi, lo owasithwebulayo. Ngangifanele ngiye eHouston mayelana nendodana yakhe, ngoba yayizongena ohlwini lwabazonqunywa futhi yayizobulawa ezinsukwini ezimbalwa. Futhi yadibana nami phakathi lapho yasho yangigaxa, yathi, "Cabanga, yena impela umuntu engangimgxeka uyeza ukuzosindisa indodana yami eyodwa vo!" Inhlangano yesihawu inginika lokho abakubiza ngomklomelo ioska, kumbe noma ufuna ukukubiza ngokuthi yini, ngokusindisa impilo.

135 Sase-ke sibuyela emuva, ngenyukela entabeni ukuyozingela. Lapho uMfowethu Fred nami, ngokunye ukusa ngenkathi ngiphuma, futhi nga—ngase ngivele nginayo ijavelina yami, futhi ngabheka ngase ngibona indawo lapho aye ngakhona. Ngathi, "Mfowethu Fred, hamba uwelele kuleyontaba kusesekuseni ekuseni manje, cishe kusasa, futhi ngizoya kwenye. Ngeke ngiyidubule ingulube, ngeke ngiyibulale. Kodwa uma ziza ngapha, lowomhlambi, ngizodubula phambi kwazo bese ngizixosha ngizibuyesele emuva."

136 UMfowethu Fred waphumela lapho futhi kwakungekho-zingulube. Wangiqhweba ngase ngiyabona. Ngehlela emgedeni, eminye imigodi emikhulu kakhulu, ilanga lalisaphakama nje. Ngijikeleza ngakwelinye icala legquma, ngingacabangi lutho ngeziprofetho. Ngahlala phansi, ngilindile, ngiphumule; ngacabanga, "Kwenzenjani kulezozingulube?"

137 Ngacosha eyami...Ngahlala phansi njengoba kwenza amaNdiya, niyazi, ngakhe izithanga. Ngabheka emlenzeni wami weovaloli, futhi kwakukhona unkunzana. Ngawucosha. Ngase ngithi, "Lokho kuyaxaka! Ngilapha, cishe amamayela angamashumi amane enyakatho mpumalanga yeTucson. Nango umfana wami omncane uJoseph ehlezi lapho elinde mina." Futhi lapho ngiqala ukubheka, ngabona umhlambi wezingulube uphuma cishe amayadi ayinkulungwane ukusuka kimi, phezulu entabeni, ngawuphosa phansi unkunzana. Ngathi, "Ngizozithola. Ngizohamba ngilande uMfowethu Fred, futhi ngizolengisa isiqephu sephepha ukwazisa ukuthi yiyiphi indlela yokuhamba, kule ocotillo lapha, futhi sizothola uMfowethu Fred."

138 Ngase ngiqala ukwenyuka intaba, ngigijima ngelikhulu ijubane ngakwelinye icala. Khona manjalo, ngangicabanga ukuthi kukhona ongidubulile. Ngangingakaze ngikuzwe ukuqhuma okunje; kwazamazamisa lonke izwe. Futhi,

ngenkathi kukwenza, okumi phambi kwami kwakuyiziNgelosi eziyisikhombisa zingumshungu.

139 Ngahlangana noMfowethu Fred nabanye, kamuvanyana. Bathi, "Bekuyini na?"

Ngathi, "Bekuyilokho."

"Uzokwenzenjani na?"

140 "Buyela ekhaya. Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, izimfihlakalo eziyisikhombisa obekufihliwe eBhayibhelini yonke leminyaka, lamahlelo nakho konke, uNkulunkulu uzovula lezozimfihlakalo eziyisikhombisa kithi eziMpawini eziyisiKhombisa."

141 Kwakukhona leyondingilizi yenyuka ivela emhlabeni, njengenkungu ibumbeka. Ngenkathi Ikwenza, Yenyuka yaze yayothi ngqu entabeni, iqala ukushaya indingilizi iya ngasentshonalanga, ngalapho Evela ngakhona. Isayense yaYithola emva kwesikhashana, iphakeme ngamamayela angamashumi amathathu namamayela angamashumi amabili nanhlanu ukunquma, ngayo impela nje indingilizi yesivivane.

142 Futhi ngoluny'usuku, ngimi lapho, ngaphendulela isithombe ngakwesokudla, futhi nango uJesu njengoba Wayenjalo emiNyakeni yeBandla eyisiKhombisa, efake iwigi emhlophe, ekhombisa ubuNkulunkulu obuKhulu. UnguAlfa noOmega; UngukuQala nokuGcina; UnguMehluleli oMkhulu walo lonke iPhakade, emi lapho, uqinisa uMlayezo walelihora. Futhi kuyoba khona ukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa! Kumayelana nani konke na? Kwakuyini na?

143 Ngaya ngasentshonalanga. Phezu kwaleyontaba efanayo, ngedlula ngenyuka noBanks Woods lapho, yathi, "Phosa idwala phezulu. Uthi kuMnu. Woods, 'ISHO KANJE INKOSI, uzobona iNkazimulo kaNkulunkulu.'"

144 Ngalo impela usuku olulandelayo, ngimi lapho, isivunguvungu sehla futhi saqhuma sasakaza izintaba. Amadwala anquma iziqongo zezihlahla zasuka, cishe amafidi amathathu noma amane phezu kwekhanda lami. Senza ukuqhuma okukhulu okuthathu, nabafowethu beza begijima beqa. Kwakukhona cishe indoda ayishumi nanhlanu emi lapho, abashumayeli nakho konke okunye. "Kwakuyini na?" Wathi, "Bekuyini na?"

Ngathi, "Ukwahlulela kushaya uGu lwaseNtshonalanga."

145 Cishe ezinsukwini ezimbili emva kwalokho, ukuzamazama komhlaba kwacishe impela kwayicwilisa iAlaska. Yini lokhu ukuKhanya okuphezulu eNtabeni iSunset eCoronado Forest yase Arizona na? Yini lento exakile eyenzeka phezulu lapho, abantu kade beshayela empumalanga bevela entshonalanga, becosha amadwala ayesabalele konke lapho lapho Okwashaya khona na? Futhi onke, idwala nedwala, linamakhona amathathu

kulo, Okwaliqhephulayo. (Abathathu baMunye.) Abekwe emadeskini, ezicindezelweni zamaphepha, esizweni sonke. Yini lento exakile phezu kweNtaba iSunset eCoronado Forest na?

146 UJunior Jackson olalele, niyalikhumbula iphupho ayenalo engalihumushayo, "ukuya ngasekushoneni kwelanga na?" Futhi lokhu kwenzeka eNtabeni i "Sunset." Yisikhathi sokuhlwa, isikhathi sokushona kwelanga. UMlayezo wasekushoneni kwelanga ekushoneni komlando, ekushoneni kwesiprofetho, njalo, sigcwaliseka. Futhi kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa, phezu kweNtaba iSunset eCoronado Forest, amamayela angamashumi amane enyakatho yeTucson. Hamba emephini futhi ubone uma kuyiSunset Peak lapho. Yilapho impela okwenzeka khona. Ngangingakaze ngikwazi kwaze kwaba ngelinye ilanga.

147 Yonke into e. . . Lokho akusoze kwafa. Kulokhu Kuzisombulula njalo njalo. Kuyo yona impela into eyenzekayo, esithombeni singuJesu emi ebuka thina; futhi manje khona impela eNtabeni iSunset, nokuKhanya kokushona kwelanga. UkuKhanya kwakusihlwa sekufikile, uNkulunkulu eZiqinisekisa. Kuyini na? Kungamaqiniso ukuthi uNkulunkulu noKristu bamunye. E "mhlophe," bangaki abayibonile, iwigi emhlophe phezu kwaKhe, njengoba sikhulumile eSambulweni 1 na? Niyabo, ubuNkulunkulu obuKhulu, iGunya eliKhulu; alikho elinye iphimbo, akekho omunye unkulunkulu, akukho lutho olunye! "KuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." IziNgelosi qobo lwaZo kwakuyiwigi yaKhe. Amen.

148 Kwenzekeni eNtabeni iSunset na? UNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe. Umayelana nalokho-ke wonke lomsindo. Qaphelani, nguNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe elithenjisiweyo futhi, leZambulo 10:1 kuya kwele 7, "Futhi ngezinsuku zokubethwa koMlayezo wengelosi yesikhombisa, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe." Imfihlakalo efihlakele yeZambulo 10:1 kuya kwele 7, uMlayezo wokugcina onyakeni webandla wokugcina. Ugcwalisa khona impela, kulonyaka, uLuka oNgcwele 17:30, "Usuku lapho iNdodana yomuntu iyokwambulwa."

149 "Futhi kuyovela abaprofethi bamanga noKristu bamanga, babonise izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso, ngangokuthi kuyodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka." Abantu basalokhu besekungabazeni. Futhi, njengokwejwayelekile, ibandla lisambathekile impela nje.

150 Nesayense, kuyo yonke iTucson namanje, babhala iziqephu futhi bazifaka ephepheni. Emuva le laphaya eNtabeni iLemmon, lawo makhamera amakhulu awaKubonanga kwenyuka kusuka lapho esasimi khona; kushushumba kuya ngaseNtshonalanga, kukhombisa ukuthi isikhathi sesiphelile. Ngeke kwahamba kepha uphisi omncane lapho; kusoGwini lwaseNtshonalanga.

Ukwahlulela kwashaya nje ngayo impela indlela okwahamba ngayo. Kukhuphuka ngqo phezu kwePhoenix futhi kuvundla ngqo, kuqhubekela ePrescott nangaphesheya kwezintaba kuya oGwini lwaseNtshonalanga, kuqonda ngqo phezulu kuyongena e. . .zaziyaphi na? Zaqhubekela ngqo ziyongena eAlaska, futhi liyaduma, liqonde ngqo ngapho.

151 Neziboniso zezinto ezenzeka emkhathini nabo bonke eTucson basabuza, ucwaningo lwesayense luzama ukuthola ukuthi kuyini. Kuphakeme kakhulu ngeke kwaba yinkungu, umlalamvubu, noma lutho phezulu lapho. "Kwenziwa yini na? Kukuphi na?" Basambathekile impela nje ngaleyoNdingilizi yokukhanya yaphezu kwemvelo elenga ngaleya esibhakabhakeni njengoba babenjalo ngezazi ookwakuthiwa oMegi zingena zilandela iNkanyezi, zithi, "Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na?" Kwakuyini na? UNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe, "Futhi kuyovela inkanyezi kuJakobe."

152 NoNkulunkulu waseZulwini wethembisa ukuthi isikhathi sokuhlwa sasiyoba neziNkanyiso zakusihlwa. Iminyaka emithathu edlule lemfihlakalo yayiyisiprofetho, "Sikhathi sini, mnumzane na?" Kodwa manje sesingumlando. Sesedlule. Isithembiso sesigcwalisekile. Sikhathi sini, mnumzane, futhi yini lokhu ukuheha na? UNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe! Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

Asikhuleke.

153 Nkulunkulu othandekayo, ngibabambezele isikhathi eside abantu, eside kakhulu ukwedlula ebengikuhlosile. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kukhona okushiwo noma kwenziwa okuzobangela abantu phandle ndawo zonke ukuba baqonde. Nangokubona nokuqonda bangahle bakwazi ukukholwa ukuthi Wena unguKristu weqiniso, namaZwi aqiniswayo ngukuqiniswa kweZwi laKhe liphelele futhi ligcwaliswa ngesikhathi saLo.

154 Manje, Nkosi Jesu, emaZwini aKho uQobo, Washo ukuthi izwe liyoba sesimweni saseSodoma. Siyakwazi lokho, singakubuka. Futhi Wathi, ngalolosuku, "Njengoba kwenzeka eSodoma." Kwakukhona izithunywa ezintathu ezathunyelwa ezweni labeZizwe namaHeberu. Futhi esisodwa sazo, okwabe kunguNkulunkulu uqobo lwaKhe, iNdodana yomuntu, wazembulo Yena uqobo esimweni somuntu futhi yenza isimangaliso, ngangokuthi watshela uAbrahama ukuthi uSara wayenzani emva kwaKhe ethendeni.

155 Wathi kwakuyophinda futhi lapho lonke izwe labeZizwe laliyoba sesimweni saseGomora. Futhi silapha, Nkosi. Ezinye iziprofetho ziqinisa into efanayo, yokuthuma uElija ngezinsuku zokugcina, uMoya kaElija phezu komhlaba, ukuletha izinhliziyo zawoyise, noma, "abantwana babuyele koyise." Futhi

ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lelihora ukuthi Uzoqinisa iZwi laKho, ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade. Siphe khona, Baba. BangabaKho bonke. Ngikhulekela ukuthi Uzisipha lezizinto futhi uqinise lokho okushiwoyo, kwenzelwe iNkazimulo kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

156 Ukukhuluma izwi, ngumuntu; ukuqinisa izwi, nguNkulunkulu. Ukusho okuthize, yinto eyodwa; uNkulunkulu ukuba ayenze, kungenye into. UNkulunkulu akadingi-mhumushi; Wenza ukuhumusha okungokwaKhe uQobo.

157 Manje silungela ukuba nomugqa womkhuleko, ukukhulekela abagulayo, uNkulunkulu ethanda. Futhi siyazi ukuthi akukho-noyedwa, akukho owesilisa, akukho owesifazane, akukho-sidalwa esingumuntu, akukho-ngelosi, engakuphilisa, ngokuba uNkulunkulu usevele ukwenzile. Wenza amalungiselelo, into kuphela ofanele uyenze ngukukwemukela.

158 Akukho-muntu, akukho-ngelosi, akukho-lutho, akukho ngisho uNkulunkulu uqobo lwaKhe, ongakuthethelela ezonweni zakho. Sekuvele kwenziwe. UJesu wakwenza lokho esiPhambanweni. Kodwa soze kwakuphumelelisa, kumbe noma yini, noma kukuzuzise noma yini, uze ukuvume ukukwemukela. Niyabo?

159 Into kuphela engenziwa, yiziyalo ezinikezwe nguNkulunkulu, emakholweni ukuba abeke izandla phezu kwabagulayo. Lokho bekulokhu kukhona eminyakeni bakwenzile lokho, ngezimvuselelo. Futhi bakubize ngo, "Nkulunkulu."

160 UAbrahama wayebone izibonakaliso eziningi. Kodwa nakho kufika isikhathi lapho uAbrahama ebona isibonakaliso sakhe sokugcina, ngaphambi nje kokuba iSodoma lishiswe, nalowo kwakunguNkulunkulu Ezibonakalisa esimweni somuntu. Niyakukholwa lokho na? Ngabe uJesu washo ukuthi kwakuzophinda na?

161 Manje, bangaki phakathi lapha . . . Nangaphandle emsakazweni, noma ngaphandle kotelefoni esizweni sonke, uma nisalalele, lungelani manje umkhuleko, yibani nikhuleka, nani onalamaduku lapha. Manje, ngeke ngatshela uNkulunkulu ukuthi akenzeni. Qhabo, makube kude nami ngisho ukukuzama. Uyazibusa; Wenza lokho Afuna ukukwenza. Ngingahlonipha kuphela futhi kuphela ngingasho lokho Akushoyo.

162 Futhi manje bami bazungeze izindonga, bagcwele phama, kuminyene. Angazi noma besingamcela yini uNkulunkulu phezu kwalamazwi, "Kuyini lokhu ukuhehana?" Uma uNkulukulu ezohamba phakathi kwethu futhi (kungahle kubekhona izihambi lapha), futhi ahambe phakathi kwethu futhi akhombise ubuso baKhe obubusisiweyo phakathi kwethu, akhombise ukuthi uMoya waKhe ulapha, akhombise ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ukuthi sonke (emva

kwalemiLayezo emibili eqinile) besingakholwa ukuthi kunjalo na? Beningakwenza na? Kulungile.

163 Esikhundleni sokubiza umugqa womkhuleko, manje-ke; kuyashisa, kuminyene, bemi bencike obondeni. Ngiqalaza *ngapha*, ukubiza umugqa wami womkhuleko, beningeke nikwenze; bukani, kumiwe lapho. Ngingawubiza *ngapha* na? Abenu abagulayo, izinhlaka, konke okunye, belele; beningeke nikwenze. Ngakho hlalani lapho enikhona, futhi nimkholwe uNkulunkulu. Uma unalo ikhadi lomkhuleko, libambe, kuzoba kuhle. Sizofika kuwe uma ufuna ukuza ngomugqa. Kodwa awudingekile ukuba uze ngomugqa.

164 LowoMnu. Shepherd, ngeSonto eledlule ebusuku, akezingamugqa. Angi—angiboni ukuthi wayenalo ikhadi lomkhuleko. Ngabe uMnu. Shepherd ukhona kulobubusuku na? Uphi? Ngabe ukhona? Ungemuva. Ngabe wawunalo ikhadi lomkhuleko, Mnu. Shepherd na? Wawungenalo na? Wayengenalo. Uhlezi khona lapho futhi, kulobubusuku. Leyo yindawo enhle ukuba kuyo, Mfowethu Shepherd.

165 Akusikho kodwa ukuthi ufanele ube lapho, kodwa nje yiba nokukholwa. Ngokuba, khumbulani, owesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe futhi Wakuzwa. Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Nencwadi eyi letha yamaHeberu, eTestamenteni eLisha, yathi UngumPristi oMkhulu kulobubusuku onga "thintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bakho." Niyakukholwa lokho na? Yiba nokukholwa-ke! UngaLingabazi. Likholwe, futhi kuzofezeka. Ungabanakho o—okucelile, uma ungaLikholwa. Kodwa ufanele uLikholwe. Uzokwenza na? Nonke nizoLikholwa na? Bangaki abazoLikholwa manje na? UNkulunkulu anibusise.

166 Angazi ukuthi ubani owubani. Angazi namunye wenu. Akusiwo umsebenzi wami ukwazi noma ubani wenu. Kungumsebenzi kaNkulunkulu ukwazi lezizinto. Kodwa Uzokwenza uma nizoLikholwa. NizoLikholwa manje na?

167 Manje, Nkulunkulu Othandekayo, impela asisiso isigejane samaKristu abhasteliwe, asifanele sibe yiwo, umuntu ozombambathwa futhi atotoswe. Awunalo lolohlobo, Nkosi. Unamakholwa amahlikihliki. Bona impela uBukhona bukaNkulunkulu buvuthisa inhliziyo yomuntu. NjengoAbrahama, wamkholwa uNkulunkulu. Wazenza Wena waziwa kuye, wase-ke Ubonakala kuye futhi wenza isibonakaliso, futhi waKukholwa. Waphendula umzimba wakhe wabuye waba yinsizwa, kanjalo nomkakhe, okungukuthi, umkakhe wayeyingxenye yomzimba wakhe uqobo. Kwase-ke kuzalwa umntwana omusha, indodana ethenjisiweyo.

168 Nkulunkulu, Wathembisa ukuthi kuyoba yinto efanayo ngalolusuku. Ngikhulekela ukuthi Uzoliqinisa leliZwi. Futhi sizobhekana nalesosithembiso esisodwa lapho, ukuthi kuzoba

njengoba kwakunjalo eSodoma, ngaphambi nje kokuba iSodoma lishiswe nokwahlulela kwashaya iSodoma, izwe labeZizwe. Ngakho ukwahlulela kulungiselela ukushaya izwe labeZizwe, namaJuda athola eminye iminyaka emithathu nenxenye ngesikhathi seNhlupheko, inkathazo kaJakobe, ukuqhubeka kwamaviki angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli. Kodwa, abeZizwe babaliwe, sekuyisikhathi sokuhamba. Futhi Wena unikeza lesosibonakaliso, futhi Wena wathi siyoba khona futhi. Siphe khona, Nkulunkulu. Ba, sisezandleni zaKho thina, yenza ngathi njengoba Ubona kufanele. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

169 Manje ningashaywa wuvalo. Bekuzoba njani ukuba bengishaywa wuvalo na? Manje, ngenza into lapha ukuthi kuzokwencika ekuzibuseni kukaNkulunkulu. Kodwa ngikwenzelani lokhu na? Wathi kuyobakhona. Lokho kuyakuxazula. Futhi uma Ezenza Yena lokho, wakuqinisa lokho phambi kwenu, awu, ngeke naMkholwa na? Impela. Yibani nokukholwa nje manje futhi nikholwe.

Ake ngiqalaze nje, ngibone ukuthi uMoya oNgcwele uzoholela kuphi, ukuthi Uzokwenzani. Angazi ukuthi Uzokwenzani, lokho kukuYe. Kodwa uma nje kuphela nizoba nokukholwa, nikholwe kuphela, "Konke kungenzeka kulabo abakholwayo." Ngabe nonke niyakukholwa lokho, phakamisani izandla zenu bese nithi, "NgiyaLikholwa." [Ibandla, "NgiyaLikholwa."—Umhl.] Ngenhliziyo yami yonke, ngiyaLikholwa.

170 Manje okuthathu kuzoba ngukuqiniswa, uma Ezokwenza kathathu ngqo, ukufakazisa kini ukuthi Liqinisile. Angikhathali ukuthi ukuphi, ungubani, yiba nokukholwa nje futhi ukholwe. Manje, ni—ningalokhu ninyakaza. *Ngapha.*

171 Nenekazi, elikhulekayo, angikwazi. Lapho okhona nje; awudingekile ukuthi uze. Angikwazi, kodwa ubambe intombazane encane ngesandla sakho, noma isemathangeni akho. Ngiyisihambi uqobo kuwe. Nentombazane encane ibukeka iphila ngokwejwayelekile, ibukeka iphila. Iyintombazane encane enhle, intombazane encane enekhanda elibomvu. Mina ngibuka lapha kuyo, ayibukeki ikhubazekile kumbe noma yini. Angazi ukuthi yini engalungile kuyo. Kungahle kungabi okomntwana; kungahle kube ngokwakho. Kodwa kwenzekile nje ngakubona uhlezi lapho nalowomntwana, futhi ukhuleka. Ngidingeka ukuba ngikhulume nawe umzuzu, ukubamba umoya wakho, njengoba uJesu athi kowesifazane, "Ngiphuzise," niyabo, nje ukubala—ukubala umuntu oyedwa. UMfowethu Bryant nabanye behlezi lapha, ngiyabazi lababantu abahlezi lapha. Bangahle ukuba bayadinga, nabo, kodwa wena ubuyisihambi.

172 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi lezizinto ozizwe kulobubusuku yiQiniso na? Manje, uma uNkulunkulu ezokwembula kimi into oyenzile, noma into obungafanele uyenze, noma into engalungile kuwe, ukuthi siyini isifiso sakho, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma akusilo. Ungeke na? Futhi uma Ezokwenza lokho, ngabe kuzoqinisa iZwi laKhe ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, nokuthi uLuka oNgcwele 17:30 uyabonakaliswa na? Uyakukholwa na?

173 Manje, inenekazi liphakamise isandla salo ukuthi siyizihambi. Angikwazi, kodwa ngizama ukuxhumana nomoya walo, umuntu oyedwa. Nibaningi enidonsayo. Manje, uyakukholwa Lokhu ngenhliziyo yakho yonke.

Manje, kungokwentombazane encane. Akusuwe. Unokuwethuka, kodwa akusikho ukwethuka okukuhluphayo. Into enkulu esenhliziyweni yakho yileyontombazane encane. Futhi uyakholwa yini ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi kuyini na? Uyakukholwa na? Ngabe kuzokusiza, ungakukholwa-ke na? Ngukulimala ebuchosheni. Kunjalo na? Manje beka isandla sakho phezu komntwana omncane; isandla sakho.

174 Nkulunkulu othandekayo, Wena wathi, “Lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo. Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayosinda.” Owesifazane uyikholwa. Isandla sakhe siphezu kwekhanda lomntwana. Kwangathi angaphila. NgeGama likaJesu Kristu, nginikela lomkhuleko. Amen.

175 Manje niyakholwa, nonke na? Uma ukholwa, konke kungenzeka. Impela!

176 Ngiyalazi inenekazi elihlezi eduze kwalo, kodwa ngobuqotho obukhulu libuka ngapha. Ngeke ngalibiza ngegama, kodwa ngi . . . Uma ngilibuka umzuzu, ngizokwazi. Kodwa ngiyamazi owesifazane ngokubuka, kodwa angiyazi inkathazo yakho. Uyakholwa ukuthi ngi . . . UNkulunkulu uzongazisa ukuthi yini inkathazo yakho na? Unga . . . Kungakusiza na? Isifo sikashukela. Manje, uma lokho kuyiqiniso, bamba isandla sakho. Impela!

177 Kwenzekile ukuba kube yinenekazi elilele . . . elihlezi eduze kwakho, linento efanayo. Liyisihambi. Elinye inenekazi likhulekela omunye, umntwana okhubazekile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu uzokupha khona.

178 Omunye umuntu ngemuva lapha. Indoda ihlezi ngapho, izama ukuyeka ukubhema osikilidi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzobasusa kuwe na? Kulungile. Uyakholwa na? Ungaba nakho. Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami.

179 Nansi indoda. Niyasibona lesosithunzi esimnyama esilenga phezu kwalendoda khona lapha elele entweni enjengohlaka, noma isihlalo na? Iyafa. Isibekelwe yisithunzi. Inomdlavuza. Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone. UNkulunkulu wazi

konke ngawe. Yiqiniso lelo, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela okuthize ngawe na? Kungakusiza ukwemukela ukuphiliswa kwakho na? [Umfowethu uthi, "Yebo, ngiyakholwa."—Umhl.] Ulethwe lapha ngumngane. Kodwa awusuye owalapha, undawondawo lapho okukhona khona inxenye enkulu yamanzi abantu abadoba khona. ["Yebo."] Ya, eAlbany, eKentucky. ["Kunjalo."] Kunjalo. Kholwa, futhi ungahamba ubuyele ekhaya, uphilile. Kholwa ukuthi sekuhambile. Uma uzoLikholwa! Ufanele uLikholwe, futhi ukholwe ukuthi sekwenzelwe wena. Uyakholwa na?

180 Wena, waseTennessee, unomfana onesifuba somoya. Akekho lapha, kodwa uyakholwa ukuthi uzophiliswa na? Manje-ke thatha iduku lakho, eyakho . . . ngesandla sakho lapho, uliyise kuye. Uzophiliswa uma uzoLikholwa.

181 Inenekazi likhala, lihlezi libhekene noDokotela Vayle lapho. Lisibekelwe yisithunzi, nalo, isithunzi esimnyama. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, kodwa unomdlavuza. Uzofa uma ingekho into enzelwa yona. Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa, nenekazi na? Ungaba nakho na? Ungaba nakho ukuphiliswa kwakho, uma nje uzokholwa.

182 Kukhona inenekazi elincane elihlezi emva kwalo ngqo libeke iduku phezu komlomo walo. Linesisu esinezilonda nalo, liyagula. Kade unamalumbo aphumayo, aphuphuthekisanayo, awela ngaphandle. Ukhona okulethe lapha. Unesifo sabesifazane. Uma uzokholwa, ungaya ekhaya, usinde.

183 Wena, nsizwa, uyisihambi; uhlezi khona lapha phambi kwami, ungibuka. Uyini, Puerto Rican noma okuthize na? Ya, bengiqonde, . . . ? . . . ! Ngiyisihambi kuwe. Uyakwazi lokho; awusuye ngisho nowasezweni lakithi. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakupha isifiso senhliziyo yakho na? Uma ngikutshela ukuthi isifiso sakho siyini, ungakwemukela na? Ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yiqiniso lelo. Yemukela uMoya oNgcwele, mfowethu.

184 Nansi indoda yekhaladi ihlezi le emuva lapha, inomthwalo enhliziyweni yayo. Ungowenkosikazi yayo. Ayikho lapha, ngisho. Inenkathazo ngezinyawo zayo. Uyakholwa ukuthi Uzoyiphilisa na? Uyakholwa na? Uyisihambi lapha. Ungowaphesheya kolwandle. UngowaseJamaica. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Mnu. Brady. Uyakholwa na? UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

185 Lelinenekazi elihlezi khona emuva ngale ekugcineni *ngapha,* eduze kukaNkk. Wright lapho, linomthwalo enhliziyweni yalo. Likhulekela indodakazi. Izohlinzwa. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, ngayo na? Ngeke ikudinge uma uzoyithola ukuba iLikholwe. Ngeke ngaphilisa.

186 Emuva ngaleya ekamelweni lezingane, ngibona uMoya weNkosi, iNgelosi, ukuKhanya kuya ngasekamelweni lezingane. Kuphezu kowesifazane osemncane, futhi unenkathazo yokomoya akhathazeka ngayo. Kubonakala sengathi bekufanele ngimazi owesifazane osemncane, ngandlela-thize, owesifazane osemncane. Naye unokungahambi kahle kokwabesifazane. Yebo. Igama lakhe nguNkk. West, waseAlabama, uNkk. David West. Kholwa; uNkulunkulu uzokupha khona.

187 "Kuyoba ngukuKhanya, futhi ngalolosuku lapho iNdodana yomuntu yembulwa." Uma lowo kungesuye uJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade, angazi lutho ngaLo. Uyakukholwa Lokho na? Konke kungenzeka kulabo abakholwayo.

188 Phandle emibhobheni ezweni lonke manje, nakulelitabernakele, nibangaki enizophakamisa izandla zenu bese nithi, "Ngiyikholwa"? Manje, nina phandle lapho emazweni, bonke baphakamise izandla zabo, lapha. Naphandle le, ngaleya ndawondawo esizweni sonke, niphakamise izandla zenu, akungabazeki. Manje valani amehlo enu, vele nje uwisele izandla zakho phezu komuntu oseduze kwakho. Bambani isandla sabo. Sibeke ehlombe labo. Ngibeke izandla zami emadukwini. Bukani ukuthi kwenziweni namhlanje! Bukani ukuthi sekwenziweni manje.

Zibheke ubuso baKhe obungcwelisiwe
Ekukhazimuleni okunothando lobuNkulunkulu;
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
Njengamatshana ayigugu emqheleni waKhe ukuba bakhanye.

Manje khulekani. Asikhuleke, ndawo zonke.

189 Nkulunkulu othandekayo, ihora selifikile. Kusho ukuthini lokhu na? UNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe! Yini ehehanayo, Nkosi na? NguNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe. Yini ephandle esizweni sonke, ngokuxhumana ngotelefoni, ukuthi amakhulu abantu izandla zawo azibeke phezu komunye nomunye esizweni sonke, kusuka ogwini olulodwa kuya kolunye, kusukela eNyakatho kuya eNingizimu, eMpumalanga kuya eNtshonalanga? Lapha kuhlezi abantu lapha abavela kwamanye amazwe, abaningi basezifundazweni, eMexico, eCanada, futhi izandla zethu sizibeke phezu komunye nomunye. UNkulunkulu egcwalisa iZwi laKhe!

190 Kukanjani lokhu ukuthi umuntu angama lapha ngoMoya oNgcwele futhi abize umuntu njengoba Enza kuSimoni Petru, "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJonase"?

"Hamba ulande indoda yakho ize lapha."

"Anginandoda."

"Qiniso. Unayisihlanu."

191 Wathi, "Ngiyazi uMesiya uyeza ukuzokwenza lokhu, kodwa Ungubani Wena na?"

Wathi, "NginguYe."

192 Futhi Unguwe izolo, namuhla, naphakade. Futhi Uthembisile, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza. Emining kunalo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba." "Futhi, bhekani, ngezinsuku zokugcina Ngiyakuthuma kini uElija, umprofethi, futhi uyoguqula imicabango yabantu, aphendule izinhliziyo zabantwana zibuyele ekuFundiseni kweBhayibheli kwabaphostoli." "Futhi kuyoba ngukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa."

193 Silapha, Nkulunkulu omkhulu waseZulwini! Ihora lilapha! Izandla ziphezu kwabantu.

194 Sathane, wehluliwe. Ungumqambimanga. Futhi, njengenceku kaNkulunkulu, futhi njengezinceku, siyala lokho eGameni likaJesu Kristu, ukuthi ulalele iZwi likaNkulunkulu, futhi uphume kubantu, ngokuba kulotshiwe, "NgeGama laMi bayokhipha amademoni."

195 Nabo bonke abantu kwangathi bangakhululwa. Siphe khona, Nkulunkulu othandekayo. Wena unguNkulunkulu waseZulwini owehlulayo, lolosuku lunokuheha eNtabeni yaseKalvari, konke ukugula nezifo nayo yonke imisebenzi kaDeveli. Wena unguNkulunkulu. Nabantu baphilisiwe ngemivimbo yaKho. Bakhululekile. NgeGama likaJesu Kristu. Amen.

196 Nkulunkulu, lonke iduku elibekwe lapha, uMoya oNgcwele usekhona, ugcobo lukaJesu Kristu lusephezu kwabantu, nezibonakaliso ezinkulu Azethembisayo ziyagcwaliseka, nomhlaba uyathuthumela, ukuzamazama komhlaba kuyenzeka, izibonakaliso ezinkulu Owazisho zingakenzeki, nomBhalo ugcwaliseka, nokuKhanya kwakusihlwa kukhanya. Ngibeka umzimba wami unqume kulamaduku, ngimele wonke lomzimba wamakholwa avela eMpumalanga, eNtshonalanga, eNyakatho, naseNingizimu; futhi ngithi kuDeveli, "NgeGama likaJesu Kristu, suka kuzo zonke iziguli lawa abekwa phezu kwazo," ekuhlonipheni nasenkazimulweni yeZwi likaNkulunkulu. NgeGama leZwi likaNkulunkulu, uJesu Kristu waseNazaretha. Amen.

197 Manje, ngokuthula, ngokusile ekhanda, ngesizotha, nasemiqondweni yenu esile, njengamakholwa, seniyakholwa manje futhi niyakwemukela ukuphiliswa kwenu okuvela kuNkulunkulu uSomandla, ngeGama likaJesu Kristu na? Uma nikwenza, phakamisani izandla zenu. Nonke phandle emazweni, phakamisani izandla zenu phandle lapho. Wonke umuntu ophakathi lapha, engikwazi ukubona ngigcine khona, baphakamise izandla zabo; ngaphakathi, ngaphandle,

emafasteleni, eminyango, emakamelweni ezingane, nakukho konke zonke izindawo, abantu bephakamise izandla zabo. bayaLemukela. USathane wehluliwe! Imivimbo kaJesu Kristu iyaniphilisa, noBukhona bukaJesu Kristu bubonisa iqiniso lokuthi Uyaphila namhlanje, ekwazi njalonjalo ukugcina sonke isithembiso Asenzayo. Amen! NgiyaMkholwa. Animkholwa nina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

198 Manje asisukume sime ngezinyawo zethu. NgeGama leNkosi uJesu, semukela yonke into eyenziwe noma eshiwoyo, siyaMthanda ngenhliziyo yethu yonke. SiMphatha kahle ngakho konke okuphakathi kwethu. Manje njengoba seniya emakhaya enu ehlukene kulobubusuku, uNkulunkulu akahambe nani. UNkulunkulu aniphe uMoya oNgcwele uma ningenawo uMoya oNgcwele.

199 Wonke owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane, lapha ongakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, nazo izingubo, ichibi. Ungayekeli ikusasa kokungenziwa namhlanje. Kusasa kungase kube leyithi kakhulu. "Okwenele inamuhla, kosuku, yinkathazo kulo." Kukhona abefundisi abamile, abalindile, izingubo zilindile. Akukho-zaba. Nilindele na? Uma nilindile, niyakholwa. Akunandaba ukuthi benibhaphathizwe kanjani, nafafazwa, nathelwa, noma ngabe kuyini, kungukweduka. UkuKhanya sekufikile. Wozani, nikholwe, futhi nibhaphathizwe.

200 Wonke ongenawo uMoya oNgcwele, kwangathi ningawemukela uMoya oNgcwele, nonke, emandleni agcwele obuNkulunkulu nothando Anethembisa lona, ukuba akwenze isidalwa esisha kuYe. UNkulunkulu anibusise.

201 Manje, kuze kube ngeSonto elizayo ekuseni ingamashumi amathathu lishayile elesishiyagalolunye, asicule leliculo elincane esasivame ukulicula eminyakeni eyadlula.

> Ningawukhohlwa umkhuleko womndeni,
> UJesu ufuna ukuhlangana nani lapho;
> Uzothatha yonke iminako yenu,
> Ningawukhohlwa umkhuleko womndeni.

Asilicule kanyekanye manje.

> Ningawukhohlwa umkhuleko womndeni,
> UJesu ufuna ukuhlanganani lapho;
> Uzothatha yonke iminako yenu,
> O, ningawukhohlwa umkhuleko womndeni.

202 Manje sisalicula futhi, xhawulana nesihambi esiseduze kwakho, niyabo, sisalicula.

> Ningawukhohlwa umkhuleko womndeni,
> O, uJesu ufuna ukuhlangana nani lapho'
> Uzothatha yonke iminako yenu,
> O, ningawukhohlwa umkhuleko womndeni.

203 AniMthandi na? NgiyaMthanda. NgiyaMthanda ngoba Wangithanda kuqala wang'thengel'insindiso (lokho kwakungukuheha) eNtabeni yaseKalvari. Ukuheha okufanayo eNtabeni iSenset, iNtaba iNebo, iNtaba yaseSinayi, zonke izehlakalo zesiqongo sentaba. Manje-ke kulungile, asilicule manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wa pur-. . .nsindiso
Emthini waseKalvari.

204 Bonke abaMthandayo, abathi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho makube njalo! Manje cabangani nje ukuthi unenzeleni; cabangani, ukuthi beningaba phandle lapho ebha kulobubusuku. Mhlawumbe beningaba sethuneni njengoba bengifanele ngibe kulo, ngaphandle komusa omningi kaNkulunkulu. Yini Anenzela yona na? O, besingayeka kanjani ukuMthanda na? Akwenzi-mehluko ukuthi ubani uthini, Ungowokuqala.

205 Asivale amehlo ethu, sikhothamise namakhanda ethu njengoba silicule kuYe manje. Uyawathanda amaculo, ukucula amahubo. Asilicule kuYe manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

206 Amakhanda ethu nezinhliziyo kukhotheme eBukhoneni baKhe, ukubonga ngalokho amehlo ethu elikubonile, izindlebe zethu ezikuzwile, okuqoshwe eZwini likaNkulunkulu, isithembiso saKhe esibe yikho kithi namhlanje. UNkulunkulu anibusise.

207 Sinesi—simenywa esikanye nathi kulobubusuku, umfowethu, uNed Iverson, kuqala owayengumfundisi wasePresbyterian. Uyise, abafowabo, bangumfundisi wasePresbyterian. Yena, ngiyaqonda, ubhaphathiziwe namhlanje, futhi, eGameni likaJesu Kristu. Ungumfundisi, nokahle kulokho. Futhi manje ngizocela yena, njengoba ngimkholwa ukuthi uyizinceku zikaNkulunkulu, ukuba acele izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwalelibandla usaya ekhaya lakho.

208 Mfowethu Iverson, woza ngaphambili, sisakhothamise amakhanda ethu ngomkhuleko. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

